# INDODA EBIZWE NGUNKULUNKULU

. . . Neville. Kuyadabukisa nje silokhu sinimisile, nizungeze izindonga. Futhi ngedlule ngapha kokunye ukunqumelana usuku, cishe ihora nengxenye eledlule, nabantu bebejika emnyango, sebehamba. Ngihlangane noBilly phandle laphaya, futhi wathi indawo ibisilungele inkonzo ukuba iqale, kusukela kulentambama. Ngakho, sibenalomhlangano omncane nje lapha. Asizange siwufake ngisho emaphephandabeni endawo. Ngakho, sinesikhathi esincane nje senhlanganyelo.

2 Futhi manje kuhlala kumatasatasa, njengoba abantu bangaphandle kwedolobha bezokwazi, ukuthi, lapha endaweni yasekhaya kuhlala njalo kugxunywa, kugijinywa izindawo ngezindawo, futhi kumpintshwana. Ngakho, sengithi angikwejwayele. Ngifika endaweni ngize ngingabe ngisayivumela ukuba ingihluphe, ngokukhulu okunokwenzeka. Futhi niyazi, ufanele uchithe esincanyana nje isikhathi, futhi ubekakhulu neNkosi. Uma ungakwenzi lokho, khona-ke awuzi emhlanganweni unokuhlumeleleka kukaMoya oNgcwele. Futhi uma ungena, njengoba bekunjalo namhlanje, lapho nje obekungomkhulu owodwa, okhanga kakhulu, awu, kuthi ukuba lukhuni ngesinye isikhathi kimi ukuba ngingene, ukubalekela ukuncinzwa kancane nje nokuphusha, niyabo, futhi ngizifake ekucasukeni. Uma ngenza lokho, khona-ke angikwazi nje ukuthola uMoya oNgcwele nomaphi kukho.

3 Ngakho, ngiyadabuka, nokho, ngabantu abami e—ezikhaleni zezihlalo nangokuzungeza ngaphandle. Futhi bayakhuphuka, babuke phakathi, bangene emotweni yabo basuke babuyele emuva. Bengifuna ukuthola isikole esiphakeme ezansi lapha, ukubamba nje umhlangano wobusuku obumbalwa, kodwa isikole kuyafundwa kuso ngalesisikhathi, futhi kuthi ukuba lukhuni kimi ukusithola ngalesosikhathi. Kodwa ngifuna ukusho ukuthi ngempela ngiyanibonga nonke, ngaphakathi nangaphandle, nangobambiswano lwenu oluhle, nangakho konke enikwenzile.

4 Futhi kulokhu ukusa, esikoleni sangeSonto, ngibabongile abantu ngomnikelo engiphiwe wona izolo ebusuku, obekungumnikelo obungacelwanga. Eqinisweni, ngitshele umfundisi lapha, umfundisi wethu othandekayo, uMfowethu Neville, nabanye, ngiqoka ukuthi bangakwenzi lokho. Kodwa bakwenza, noma kunjalo, ngakho nje bengifuna ukubika ngakho. Manje, lena yindawo encane, futhi ingeke cishe ihlale

abantu abangamakhulu amathathu, angicabangi. Nomnikelo ubungamadola angamakhulu amathathu namashumi amabili-nane, okusho ukuthi alinganiselwe edoleni umuntu emunye. Lowo ngumnikelo oyedlula yonke esengake ngaphiwa wona empilweni yami, ngabantu abangaka. Ngokwejwayelekile, uyaye ulinganiselwe emasenteni angamashumi amabili-nane umuntu emunye, amashumi amabili-nanhlanu. Amasente angamashumi amabili-nesikhombisa ngumnikelo omkhulu, kumuntu. Kodwa lona ulinganiselwe lapha edoleni umuntu emunye. Futhi ngikubonga ngempela lokho.

5 Futhi mhlawumbe angizange ngithole, kulokhu ukusa, ukuzwakalisa kwabanye benu. Sithole ujeli, ibhokisi likajeli libekwe ezitebhisini, nezipho ezincane sithunyelelwe zona. Unkosikazi nami sifisa ukuzwakalisa ukubonga kwethu kinina bantu. Futhi ngineqiniso ukuthi okwedlula konke esikwaziyo ukuthi kanjani, konke makube ngokoMbuso kaNkulunkulu.

6 Futhi kungenza nje ngizizwe sengathi ngifisa sengathi ngabe benginendawo enkulukazi lapho nje ebesingaqhubeka ukuba siqhubeke isikhathi eside futhi sibakhonzise abantu. Kodwa ngisho nakulobubusuku, emva kwenkonzo, ngifanele ngihambe. Okungukuthi, ngeke ngikwazi ukuhamba kulobubusuku, kodwa kusesekuseni ekuseni, ukuba ngihambe.

7 Ngibuya ngoMgqibelo ebusuku. Futhi ngihambe ngeSonto ekuseni, futhi, ngiye eCorolado. Futhi kulandelane nje impela, ngihamba.

8 Bese kuthi-ke umhlangano wami olandelayo wapheshe ya kwezilwandle ube ngoJanuwari, oseAstralia naseNew Zealand, nakulezondawo. Manje, ngifuna ningikhulekele. Ngiyifisa ngempela imikhuleko yenu.

9 Bese kuthi-ke ngifuna uku...sonke ukuba sibonge kuNkulunkulu uSomandla, Osenzele izinto ezinkulu kangaka kulomhlangano omncane. Ngiyakholwa, okwesikhathi esingaka, kube kuningi okuzuzwe kulomhlangano kunanoma yimuphi umhlangano esengake ngawubamba empilweni yami kulelitabernakele. INkosi ibonakale nje ivula izibusiso.

10 Ngicabange ukuthi, mhlawumbe, ngesikhathi salomhlangano, ukuthi kusukela embonweni engibe nawo, ukuthi inkonzo yami izoguqulwa ibe yinkonzo engcono nenkulu ngokuthe xaxa. Manje kuzokwenzeka njengoba nje impela nina bantu nizwile ngalezi ezinye izinkonzo ezintathu zibikezelwa, noma lezi ezinye ezimbili. Lena iyoba njengaleyo nje, ukuphela izobankulu ngokuthe xaxa. Kodwa ubusuku bokuqala, ngavele nje ngabizela abantu phezulu lapha ealtare, ngabuyela emuva ngqo ekwahlukaniseni ngokubona okufihlakele. Ubusuku besibili, ngibathathe ngabafaka ekamelweni, ngaqonda ngqo ekwahlukaniseni ngokubona okufihlakele. Futhi ubusuku

obubili obedlule, ngaleyonkathi, sibalethe lapha emsamo, kwaqondwa ngqo ekwahlukaniseni ngokubona okufihlakele.

11 Kodwa ukubika ezinye izinto nje, umfundisi oyimpumputhe uvuleke amehlo emsamo.

12 Namantombazanyana amabili, izolo ebusuku, ehlezi esihlalweni esinamasondo, enezifo ezingaziwa-muntu ukuthi siyini, nadokotela. Izinyawo zawo zinkulu kangaka, nezinzwane zazo zidoncuka, iminwe idoncuka, futhi akukho abengenzelwa khona. Futhi kwathi nje uMoya usagcoba, ngaya khona, futhi ngeGama leNkosi uJesu, ngasiqalekisa lesosifo, futhi asuka aphuma ahamba kulesosihlalo esinamasondo. Futhi kulokhu ukusa, ehambahamba lapha etabernakele, njenganoma yimuphi omunye umntwana, futhi weza futhi wabhaphathizwa ngombhaphathizo wamaKristu, khona lapha echibini, kulokhu ukusa.

13 Ngithe ngisenemizuzu embalwa yokutadisha, esikhashaneni esedlule, futhi bekukhona abanye babangane bami, uMfowethu Hoover, umfundisi ovela ezansi eKentucky, wedlula nje washiya umyalezo kumkami, ukuthi izolo emgqeni wabebebizwa, laphaya kwizethameli, abesifazane abebe-ngenamakhadi okukhulekelwa noma yini, behlezi nje khona lapho bekhuleka. Futhi bekukhona owesifazane oyedwa obengasadli sekuphele, ngiyakhohlwa ukuthi isikhathi esingakanani, ukudla; kukhona izimilela esiswini sakhe, zigcwele konke. NeNkosi yambiza futhi yamphilisa. Futhi kulokhu ukusa usukumile futhi udla iblakfesi elilingene elejwayelekile, futhi ukhona lapha ndawo ndawo kulobubusuku.

14 Nabanye, ubexoxa ngakho, futhi, o, isikhathi ngeke sivume, ngezinto iNkosi yethu ezenzile. Ngakho, kithina, lokho kusinika inkuthalo ukwazi ukuthi kuseduze nje, kukhona into ezokwenzeka, enkulu.

15 Izolo kusihlwa, emva kwenkonzo, emva komlayezo, angikaze noma ngasiphi isikhathi ngike ngibone uMoya oNgcwele uke ugcobe abantu ngokukhulu ukwedlula lokho Okwenze izolo ebusuku. Sibheke okunye, kulobubusuku. Futhi manje ningikhulekele.

16 Futhi ngifuna ukufunda elinye leZwi likaNkulunkulu elibusisiweyo. Futhi ngaphambi kokuba sifunde iZwi, ake sikhulume naYe nje, namakhanda ethu ekhotheme umzuzwana nje.

17 Baba waseZulwini othandekayo, siza kuWe kulobubusuku, mhlawumbe sithe nje ukukhathala kancane emzimbeni, kodwa, o, ihlumeleleka kahle kanjani pho imimoya yethu! Izibonakaliso zikaNkulunkulu ophilayo, ukuthi Unathi, futhi esibusisa, futhi esipha lokho Akwethembisa, okuningi ngokwedlulele, okukhulu ngobuningi, ngaphezu kwakho konke ebesingakwenza noma sikucabange. Futhi uma sifumane umusa ebusweni baKho,

ngokukholwa eNdodaneni yaKho, iNkosi uJesu, singacela kulobubusuku ukuba Ubuye usihambele futhi ngokuphindwe kabili koMoya waKho. Sengathi Ungathululwa ngamandla amakhulu nangezilinganiso phezu kwawo wonke umuntu lapha, ukuba bakholwe yiVangeli nokwemukela Amandla kaMoya oNgcwele ezimpilweni zabo. Sindisa labo abasindisekayo kulobubusuku, Nkosi, futhi uphilise labo asebekulungele ukuphiliswa. Siphe khona, Nkosi.

18 Futhi njengoba sibona abantu becindezela bengena, bemi eminyango, amakhulu ebuyiselwa emuva esuka esontweni elincane, kusikhumbuza ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ukuthi, ezinsukwini lapho Esihambela lapha ngesimo senyama, ukucindezela kwaba kukhulu kakhulu, abakwazanga ngisho nokufinyelela kuYe nomuntu, futhi kwadingeka ukuba bamngenise ngophahla lwendlu. Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi kulobubusuku, ukuthi wonke umuntu ozoze acindezele ngalendlela uzovuzwa njengoba lowomuntu wabanjalo.

19 Busisa iZwi laKho sisaLifunda. Futhi sengathi Lingaba yisiBani, ukuKhanya endleleni yethu. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

20 [Omunye ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Qhabo. URosella Griffith? [“Yebo.”]

21 Kubikwa kimi njengamanje nje ukuthi intombazane engiyibizile kulokhu ukusa. . . eyangenwa wuphuzo eyayikade ibizwe emhlanganweni eChicago. Bekungukuthi ibihlezi kuvulande ophezulu ngenkathi uMoya oNgcwele ukhuluma nayo futhi wathi yase ingenwe wuphuzo. Nodokotela abahlanu abadumile baseChicago base beyidelile. AboSizo Lwabahlulwa wuphuzo base beyidelile. Futhi yabizwa, ngo ISHO KANJE INKOSI. Yaphiliswa. Ayikaze ishisekele ukuphuza kusukela kulesosikhathi kuqhubeke.

22 Nelinye inenekazi elincane phezulu kuvulande ongaphezulu phezu kwalo, obekungumngane walo, ukuthi babehlala eDolobheni iCalumet. Uma noma ubani ekwazi lokho ukuthi kuyini, lokho yimncele lapho okubi ukwedlula iParis, iFransi, zonke izinhlobo zobubi zenzeka. Futhi latshelwa ukuthi lalingumdayisi wezidakamizwa, futhi lalingumdansi kuFred Astaire. Futhi uyise kwamcasula. Kodwa lasukuma lase lithi, “Baba, lowomuntu uqinisile ngempela.” Manje selishadile, intombazane encane, futhi lisemgwaqeni, liphume nomyeni walo, beshumayela iVangeli.

23 URosella uyisisebenzi ekubeni yisithunywa senkolo, kuzo zonke izinkonzo zasejele nakho konke angafinyelela kukho, etshela abehlulwa wuphuzo ukuthi likhona ithemba, futhi lelo likuKristu.

24 Ubenomthwalo kakhulu impela ngoyise; kungengaphezulu kwakuthangi, emizuzwini eyishumi, yokuxoxisana ngasese. Intombazane ibe ngumsekeli oqinisekile wemihlangano, iminyaka emine noma emihlanu edlule. Ukuthi yangitshela, embikweni omncane wemizuzu eyishumi, phandle enqoleni, engxoxiswaneni, yathi, "Mfowethu Branham, noma yini oyenzayo, nginomthwalo onzima ngobaba wami. Uyakuthanda, kodwa nje akezi kuKristu."

25 Ngathi, "Rosella, uNkulunkulu uyazi ukuthi kwenziwa kanjani lokho. Uyazi ukuthi angamenza kanjani ukuthi akwenze."

26 Nezindaba ziyafika manje ukuthi ungcwabeke phakathi komthwalo wemoto wamatshe omcako. Asimkhulekele.

27 Nkosi, emlonyeni waleyondodakazi ethembekile, naye ubaba ebambeke ezansi lapho, ongafa phakathi kwakho; Nkulunkulu, yenza ukuba angafi, kodwa umphefumulo wakhe ubheke phezulu futhi akhumbule ukuthi Wena unguNkulunkulu Ongaphendula umkhuleko phansi kwenqumbi yamatshe omcako; ngokufanayo njengoba Wenza esiswini somkhomo, noma esithandweni esinomlilo, noma emphandwini nezingonyama. Wena uhlala ufana. Mlethe eze, Nkosi, engumKristu ogeziwe. Siyazi ukuthi konke kusebenzelana kube ngokuhle kulabo abaKuthandayo. Futhi siyakhuleka ukuthi lokhu kuzoba ngenye yalezozinto, njengoba sikunikela kuWe, eGameni likaJesu. Amen.

28 Ekufundweni kweZwi kulobubusuku, eNcwadini yamaKhosi esibili, ngifisa ukufunda esahlukweni 2, okwendikimba encane nje, ukuthola ingqikithi yenkulumo, uNkulunkulu ethanda.

> *Kwathi, lapho iNKOSI ibiyakumkhuphula uElija aye ezulwini ngesivunguvungu, uElija noElisha basuka eGilgali.*
>
> *UElija wathi kuElisha, Ake uhlale lapha, ngiyakuncenga; ngokuba iNKOSI ingithumile eBethele. Kepha uElija wathi kuye, Kuphila kweNKOSI, nokuphila komphefumulo wakho, angiyikukushiya. Behlela-ke eBethele.*
>
> *Amadodana abaprofethi aye* lapho *eBethele aya kuElisha, athi kuye, Uyazi yini ukuthi iNKOSI iyakususa inkosi yakho kuwe namuhla na? Wathi, Yebo, ngiyakwazi; thulani.*
>
> *UElija wathi kuye, Elisha, ake uhlale lapha, ngiyakuncenga; ngokuba iNKOSI ingithumile eJeriko. Kepha wathi, Kuphila kweNKOSI, nokuphila komphefumulo wakho, angiyikukushiya. Baya-ke eJeriko.*

*Amadodana* omprofethi *aye* lapho *eJeriko asondela kuElisha, athi kuye, Uyazi yini ukuthi iNkosi iyakususa inkosi yakho kuwe namuhla na? Wathi, Yebo, ngiyakwazi; thulani.*

*UElija wathi kuye, Ake uhlale lapha, ngiyakuncenga, ngokuba INKOSI ingithumile eJordani. Kepha wathi, Kuphila kweNKOSI,. . .kuphila komphefumulo wakho, angiyikukushiya. Bahamba-ke bobabili.*

29 Sengathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo eZwini laYo. Indaba yami yakulobubusuku ithi: *INdoda Ebizwe nguNkulunkulu.*

30 Futhi ngizozama ukufishanisa impela nje, ngoba sinomugqa omkhulu womkhuleko ozokhuphuka emizuzwini embalwa nje, kodwa, nje ukuninika ukubuka okuncane ezikhathini esiphila kuzo. Sizwa lesi isikhalo emsakazweni, nasezindaweni ezehlukene, futhi kuvela ezinhliziyweni eziqotho, "Nkosi, siphe imvuselelo esikhathini sethu." Nasezincwadini ezivela kumaKristu umhlaba wonke, siyasizwa lesosikhalo, futhi senza okuthize enhliziyweni yenu. Sifakana ugqozi. Siyaphakamisana. Siyaphilisa, emphefumulweni, ukuzwa abantu beNkosi bebiza imvuselelo. NoNkulunkulu wenze isithembiso, "Uma abantu ababizwa ngeGama laMi beyobuthana ndawonye bakhuleke, khona Ngiyakuzwa eZulwini." Futhi ngakho thina, kulobubusuku, sifuna ukucabanga ngalokho. Futhi khumbulani, ukuthi, phakathi kwaso sonke lesisikhalo, uNkulunkulu angeke athumele imvuselelo Aze ukuba usethole amadoda asesimweni ukuyithatha. Ngeke saba nemvuselelo size sithole amadoda, amadoda abizwe nguNkulunkulu, amadoda aqeqeshwe nguNkulunkulu, engaqeqeshwe khona phezulu ezikoleni ngesayense yezenkolo ngenkolo nezemfundo, kodwa amadoda angapholishekile okholo, uNkulunkulu awakhulise esikoleni sokuqeqesha kwaKhe okungapholishekile. Amadoda angesabi ukubhekana nomlilo! Amadoda efike ebuKhoneni bukaNkulunkulu; futhi ewaziyo amandla aKhe, newaziyo amandla aKhe onke, newaziyo amandla aKhe okusindisa! Amanye amadoda eqeqeshelwe ukwazi uNkulunkulu ophilayo! Kulungile ukuwaqeqesha ngeZwi, kodwa, "Igama incwadi liyabulala; uMoya uyaPhilisa."

31 Futhi ngaphambi kokuba sibe nalemvuselelo, uNkulunkulu uzobiza futhi aqeqeshe amadoda, amadoda aqeqeshwe nguNkulunkulu, ukuphatha loMlayezo. Futhi awakhathali ukuthi impikiswano iyini. Ayavuma ukuya esithandweni somlilo ngokwehlulwa, noma emphandwini wezingonyama, noma ngahle kube kuphi. Akulungele ukuhamba, ngoba kade eseBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi ayazi ukuthi Ukhona. Noma ngabe kusekunqobeni noma ekwehlulweni, alokhu ema ngokufanayo. Yilolohlobo lokuqeqeshwa uNkulunkulu alwenza emadodeni. Futhi kuyinqaba kabi ukucabanga ukuthi

uNkulunkulu angenza lokho, ukuthi uNkulunkulu uqeqesha amadoda aKhe kanjalo, kodwa Uyakwenza. Niyazi, sineculo elidala esiliculayo:

> Abanye bedlula emanzini, abanye bedlula kozamcolo,
> Abanye bedlula ezivivinyweni ezijulile, kodwa bonke bedlula eGazini.

32 UNkulunkulu uhola abantu baKhe bedlule ezivivinyweni ezinkulu, ukubahlanza. Futhi ngesinye isikhathi kuthatha iminyaka ukukwenza. Futhi ngesingami, kulobubusuku, ngikholwa ukuthi khona manje uNkulunkulu uqeqesha amadoda anjalo ukuba abhekane nomugqa ongaphambili, amadoda adlula khona, futhi, isikhathi, athuntuthe ezinyaweni zawo. Ngezinye izikhathi kubukeke sengathi yonke into iyawa, kepha nokho, phakathi kwakho konke, ayamazi lowoNkulunkulu ophilayo futhi ahlala ubuso bawo bubheke phambili, elokhu eqhubeka.

33 Futhi abantu abaningi bekhulekela imvuselelo, angazi uma bona mhlawumbe, uma labo abakhulekayo, ukuthi imikhuleko yabo ayiyivimbi yini imithombo yezibusiso. Lapho, benobugwala futhi besaba ukwethemba uNkulunkulu, besaba ukuMthatha eZwini laKhe, besaba ukukholwa ukuthi Usaphila nanamhlanje, lapho iBhayibheli laKhe lisho ngokusobala, ukuthi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade."

34 UNkulunkulu akabizi, akuvamile impela, amadoda akhaliphile, afundile, ahlakaniphile. Abamba iqhaza lawo, futhi angamadoda adumile. Kodwa ngokwejwayelekile uma uNkulunkulu efuna kwenziwe umsebenzi. Uthola umuntu othize okulukhuni ukuthi azi oABC bakhe. Hlolani imiBhalo. Bukani emilandwini. Amadoda ayefinyelela entweni ethize noNkulunkulu ayengesiwo amadoda ayenezimfundo ezinkulu, kodwa amadoda wona, awu, ayengenamfundo, kuphela isifiso enhliziyweni yawo ukuba akhonze uNkulunkulu. Wathola umlimi, umelusi wezimvu, umdobi, umzingeli, labo ababephila ngemvelo. Kulokho kuthula nokuzithulela kwemvelo, lapho uNkulunkulu wayekwazi ukukhuluma nabo. Futhi yilowo-ke Ambizayo.

35 Futhi uma bekuthola lokho, uma Enikeza ubizo esihlakaniphini esikhulu, lowomuntu ekugcineni ubuyela emuva emicabangweni yakhe yokuhlakanipha. Futhi emva kwesikhashana, uma sekufika ekusebenzeni okungavamile, uxovene kakhulu nabantu bezwe, ukuba emukele okunjalo. Ngakho-ke, ekugcineni uphethela ehlelweni, futhi aphume ahambe aphambuke abe ngumfundisi. Futhi lokho kulungile, futhi angimelene ngalutho nalowomuntu ongenza lokho.

36 Kodwa uma uNkulunkulu elungela ukwenza into ethize emazingeni angesiwo awalomhlaba, ngokwejwayelekile Uthola

indoda Angabeka ithemba laKhe kuyo, futhi ayigcobe futhi ayithume, futhi ayiwesabi umsebenzi. Yilolohlobo lwamadoda esiwadingayo namhlanje; hhayi izifundiswa ezinkulu ezipholishekile, kodwa amadoda azi uNkulunkulu eMandleni ovuko lwaKhe.

37 Isibonelo nje, kwakukhona indoda eBhayibhelini, egama linguMose, owathola konke ukuqeqeshwa kwakhe. Wayazi ngalo lonke ulwazi lwesayense yezenkolo. Wayazi konke ayefanele akwazi. Ngisho noma ngabe wayedinga imfundo, wayekwazi ukufundisa izinduna kwaIsrayeli, noma eGibhithe. Wayengadingi neyodwa into. NeBhayibheli liyasitshela ukuthi wayefundile kukho konke ukuhlakanipha kwamaGibhithe. Ngani, wayefundisa izifundiswa zawo ezinkulu. Wayefundisa ososayense bawo, izinto. Wayeyisivumbululo salo impela iphuzu, uma kufika ekukhalipheni. Kodwa, nokho, kwakumthathe iminyaka engamashumi amane uNkulunkulu ukushaya akhiphe konke lokho kuye, phandle lapho ezihlabathini. Futhi lapho esethole konke okwemicabango yokukhalipha kwakhe ngoNkulunkulu ekushaye wakukhipha kuye, phandle lapho ezihlabathini, insimbi yase ikulungele ukuba ibunjwe.

38 Yileyondlela uNkulunkulu athatha ngayo amadoda aKhe futhi ashaye akhiphe konke ukwesaba kwawo nakho konke ukukhalipha kwawo, bese kuthi-ke uMbumbi oMkhulu abafake esondweni bese eqala ukubabumba futhi. Izisebenzi, ezifanele! Yindoda kaNkulunkulu. Ubani obengaqeqesha indoda ukwedlula uNkulunkulu qobo lwaKhe na? Qaphela indlela Awaqeqesha ngayo.

39 Besingacabanga futhi ngomunye, ogama linguDavide. UNkulunkulu wayeqeqesha uDavide ngenkathi esengumfanyana nje. Umprofethi uSamuweli uyakhuphuka wase emthela ngamafutha ekhanda lakhe, wase emgcoba, ngoba uNkulunkulu wayezoqeqesha uDavide ukuba abe yiqhawe elinamandla. Futhi ake nibheke ukuqeqeshwa Amnika khona.

40 Ngangifunda, esikhathini esedlule, enhla lapha eGreen's Mill, lapho engivamise ukuyokhuleka khona, lapho khona uNkulunkulu athi kuDavide, "Ngikuthathe edlelweni, ekwaluseni lezozimvu ezimbalwa zikayihlo phandle lapho, Ngakwenza igama elikhulu njengamadoda amakhulu asemhlabeni."

41 Futhi ngicabanga ngokuqeqeshwa okungapholishekile Akwenza kuDavide. Akazange kakhulu kangako njengokuthi amfundise esikoleni esithize, kodwa Wamfundisa esikoleni saKhe uqobo. UDavide wayengumzingeli nomelusi wezimvu. Futhi emaHubweni wabhala ngamadlelo aluhlaza namanzi okuphumula, ngoba lapho wayeyedwa, ngesingaye. Akoniwanga yizinto zezwe.

42 UNkulunkulu uzothola indoda engekho ezintweni zezwe, ukuze Ayithulise, ukuze ilalele uNkulunkulu, lelo elinyenyezayo, iPhimbo elincane. Bese-ke, uma ike yaxhumana noNkulunkulu, iphenduka ibe ngengesabi-ke. Qaphelani ukuthi ayikhathali ukuthi ubani uthini; kade IseBukhoneni bukaNkulunkulu. Iyamazi uNkulunkulu eMandleni ovuko lwaKhe.

43 Kwase kuthi-ke, uDavide, siyambona. Ngelinye ilanga, uNkulunkulu wavumela ibhere ukuba lingene lathatha enye yezimvu zakhe. UDavide wavele walisukela lelobhere. Akungabazeki ukuthi wakhuleka, ngoba kamuvanyana wakuvuma. Futhi wakhuleka wayesecela uNkulunkulu. Wayengumbheki waleyomvu. Wayengeke alahlekelwe yileyomvu. Futhi ufanele ayisindise leyomvu, ngakho konke. Futhi wadumela lendwayimane yakhe encane, futhi walisukela lelobhere futhi walibulala. Ufanele ayisindise leyomvu. Niyabona ukuthi uNkulunkulu wayemqeqeshela ini na?

44 UNkulunkulu ufuna abelusi baKhe bezimvu basindise izimvu, kungakhathaleki ukuthi uzobizwa ngokuthini nokuthi uzokwedlula kukuphi. Akasindise lezozimvu!

45 Wase Ebona-ke ukuthi uDavide waba yiqhawe phezu kwalelibhere, ngakho Wavele nje wavusa amandla esilwane athi ukuba makhudlwana, futhi Wathumela iwundlu . . . wangenisa ibhubesi futhi lathatha elinye lamawundlu.

46 Futhi ibhubesi liyisilwane esinolaka. O, eAfrika, ngenkathi ngiwazingela . . . Ibhubesi lingabulala amadoda ayishumi ngaphambi kokuba uthi, "Jack Robinson." O, esinamandla, isilo esikhulu! Ngokukhulu nje ukubhonga futhi, nje, amadoda ayashwabadelwa. Nalowo ofa phansi kwamandla ebhubesi akabuzwa neze ubuhlungu. Kushayisa uvalo kakhulu, ukuzwa lokho kubhonga lapho lisho. Lezozinyawo ezinkulukazi, emzuzwaneni nje, selidwengule idazini lamadoda.

47 Futhi ukucabanga, ngomfanyana! IBhayibheli lathi waye "bomvana." Lokho kusho ukuthi wayeyisikhundlwana nje somfo omncanyana, enendwayimane encane. Niyazi ukuthi iyini, isiqeshana sesikhumba esinentambo ngapha nangapha. Nebhubesi elilambile, selivele linokunambitha igazi emlonyeni walo, lagijima langena layidumela imvu. UDavide wabheka phezulu kuNkulunkulu, wayesethi, "Ngeke ngalahlekelwa yileyo. Ngisize, Nkosi." Futhi walishaya walilahla phansi ibhubesi, ngendwayimane. Futhi lapho ibhubesi limvukela lilwa naye, lowomfanyana, nebhubesi lisinda amaphawondi cishe angamakhulu amahlanu, noma ngaphezulu, lowomfanyana esinda mhlawumbe amashumi ayisikhombisa noma amashumi ayisishiyagalombili. Wadonsa, ebhandeni lakhe elincane, umese. Futhi lapho ibhubesi livuka, elalingabulala amadoda ayishumi ngokushaya okuthi akube kubili, walidumela ibhubesi ngomhlwenga futhi walibulala.

48 Isibindi! UNkulunkulu akawafuni amagwala. Angeke akusebenzisa uma wesaba ukuthatha iZwi laKhe futhi uMkholwe. Ufuna amadoda angamaqhawe, angezukunaka lutho kuphela lokho okushiwo yiNkosi. Yilolohlobo Ahamba nalo. Kungakhathaleki ukuthi ibandla lithini, ukuthi umfundisi uthini, ukuthi ibandla limeleni; yona imela uNkulunkulu nokulunga, neZwi laKhe. Yilawomadoda esi . . . UNkulunkulu azowathumelela imvuselelo yaKhe kulezizinsuku abantu baKhe abayikhulekelayo.

49 Kamuva eminyakeni, ngenkathi enyuka ukuyobona abafowabo empini, kwakukhona esikhulu esidala isiqhwaga phezulu lapho, iminwe engamayintshi ayishumi nane. Futhi sasiqhosha, futhi sathi, "Manje dedelani omunye eze azolwa nami. Uma ningangibhaxabula, ngizozinikela; kanjalo nani, futhi sizokhonza." Noma ubani ozozinikela uzo, kusobala, kuzoba yilowo owehlulwayo.

50 Yileyondlela uDeveli athanda ukukwenza ngayo. Uma ecabanga ukuthi usethole umphetho kuwe, uzokutshela, "Ungeke wedlule nalokho. Ungeke ushumayele ukuphilisa kukaNkulunkulu ebandleni lamaMethodisti, ibandla lamaBaptisti." Awu, nina bashumayeli bamaMethodisti ake nithole uNkulunkulu nje kanye, futhi nithole ukuthi ningakwenza noma qha. Hhe. Anisoze nakwenza ngolwazi lwesayense yenu yezenkolo abayifundisayo. Nizofanele nithole uNkulunkulu futhi nazi ukuthi Ukhona.

51 Bathi, "Abantu bePentecostal." Eminyakeni embalwa edlule, kwakukhona isigejane sabantu simi ekhoneni, kungekho ngisho i—isakhiwo ababengangena kuso. Kodwa nake nalifunda iphephabhuku i*Life*, ngelinye ilanga, ukuthi bathini ngabo na? Kungenye yezinto ezinkulu kunazo zonke ezingavamile lonyaka oke wazazi, ngukuvuka kwebandla lamaPentecostal. Impela. "Futhi bakhiqiza abaningi abaphendukileyo ngonyaka owodwa kunoma kwenza onke amanye amabandla, ehlanganiswe ndawonye." Yilokho iphephabhuku i*Life* elakushoyo. Ngani na? Bangahle baxoveke ezintweni ezithile, kodwa, mfowethu, bangamaqhawe; bama phandle lapho, manzonzo, futhi bathi okumnyama "kumnyama" nokumhlophe "kumhlophe." Kuthi uma imvuselelo ekugcineni isibhidlika, iyobhidlika phakathi kwabo. Qaphelani nibone ukuthi ayenzi yini. Bazoqondiswa phansi, ngolunye lwalezizinsuku.

52 Futhi, uDavide. Ngenkathi uSawulu emembathisa izikhali, wayesethi, "Davide, uma uzolwa nalomfo, isiqhwaga . . . " Wathi, "Ngani, awulutho ungumfana nje, ibhobhodlelana nje, futhi sona besiyiqhawe kusukela ebusheni baso. Ungalwa kanjani naso na?"

53 Lalelani loDavide omncane. Niyabo, akakushongo kanje, "Sawulu, wena wakomkhulu, mnumzane. Ubaba wami

wangithumela esikoleni sokubhalwa nokufundwa kolwimi, ekholiji, esikoleni esiphakeme. Ngine Ph.D. Ngi—ngi—ngikuhlomele ukwenza lokhu. Ngiyindoda ehlakaniphile." Akazange akusho kanjalo.

54 Wathi, "Nkosi yami," wathi, "ngenkathi ngeluse izimvu zikababa wami ngaleya, kungena ibhere lathatha eyodwa, futhi ngalibulala. Kungena nebhubesi lathatha eyodwa, futhi ngalishaya ngalilahla phansi. Futhi lapho livuka, ngalinquma." Futhi wathi, "UNkulunkulu owangophula oziphweni lebhere nebhubesi, angangophula futhi kulezozandla zalowomFilisti ongasokile." Indoda eqeqeshwe nguNkulunkulu!

55 Nakho kumi uSawulu nakho konke ukuqeqeshwa noma yimuphi umuntu ayengaba nakho, ukwazi ukuthi kuliwa kanjani. UDavide wayengazi lutho ngenkemba. Wayengazi lutho ngesihlangu. Awu, uSawulu wahamba wamembathisa ezinkulu izikhali, noDavide omncane wayemi esemagwenxe cishe impela. Bathola ukuthi ivesti yakhe yobushumayeli ayizange iyilingane indoda kaNkulunkulu; yavele nje yayiqumba phansi. Futhi konke okwezivumokholo zethu nezinto soze kwafanelana nezikhali zikaNkulunkulu ngaleya.

56 O, singalokhu siqhubeke njalo njalo, futhi sisho abaningi, babaningi abehlukene. Kodwa, asiqonde ngqo endikimbeni yethu, ukuba sijahe.

57 UElija wayesegugile, futhi wayazi ukuthi ngeke kusaba yisikhathi eside ukuba ashiye lelizwe. Futhi uNkulunkulu wayethole indoda eyayiyindoda eqotho, eyayiyindoda elungileyo. Igama layo kwakunguElisha. Manje, uma nizoqaphela, elinye legama lawo nguElija nelinye nguElisha.

58 Manje, akazange ehlele ezinqubweni, nokunjalo, futhi wahamba wathola ulwazi lwesayense yezenkolo, futhi wangenisa ezikoleni eziphakeme ezinkulu zangalezozinsuku. Wenzani na? Waphuma waya ensimini futhi wathola indoda ilima ngezinkabi ezingamabhangqa ayishumi nambili. Ini? UElisha, lo owayelima, wayazi ukuthi kumnandi kanjani ukubona umugqa oqondile. Futhi wayazi ukuthi uma ephenduke wabheka emuva, wayezoyaluza aphume endleleni. NoNkulunkulu wayazi ukuthi indoda eyayazi ukuthi ulinywa kanjani umsele oqondile, eyayazi ukuthi ingazibeki izandla zayo egejeni futhi ibheke ngisho emuva. Ayizange ilinde ize ithole imfundo yayo, iyaluze endleleni. Ibulala inkabi nje yase yenza umhlatshelo, yasuka yahamba noElija, ngokushesha nje leyongubo ingawela kuyo. Yase ilungele, ivuma. UNkulunkulu wayazi ukuthi Wayengayenza ikwazi.

59 Manje, uNkulunkulu uzoyinika ukuqeqeshwa okuthize. Wayekade, uyiqeqeshela ukuthi ifanele iwabeke kanjani amehlo ayo emseleni, ngezinkabi ezingamabhangqa ayishumi nambili, nendoda eyodwa ilima ngazo. Yayifundisa ukubekezela, nokuthi

ifanele ibekezele kanjani, futhi yaqeqesha lezozinkabi ukuba zihambe ziqonde emgqeni.

60 Wadingeka aqeqeshe amadoda athize, kamuva; awagcine eBhayibhelini, eZwini, abe semgqeni noNkulunkulu, ahlale ngqo emgqeni.

61 Kwase, kuthi-ke, ngisho noNkulunkulu wathi ukumfundisa kancanyana. Wathi, "Manje ake uhlale lapha, ngokuba ngiwelela e—eGilgali. INkosi ingibizile."

62 Nomprofethi, emva kokuba esewezwile lawoMandla ephezu kwakhe, leyongubo kaElija, wathi, "Kuphila kweNkosi, nokuphila komphefumulo wakho, angiyikukushiya."

63 Waqhubekela eGilgali, okuyi—yindawo yokuvuma komKristu nombhaphathizo. Wayesethi-ke, "Hlala lapha nje manje. Lokhu kwenele kahle. Wenze ukuvuma nombhaphathizo. Lokhu kwenele kahle. Ngenyukela e*Bethele*," okuchaza, "'indlu kaNkulunkulu.'"

64 Manje lokho kwakungaba kuhle kwabaningi uprofesa. "O, ngisanda kungena nje ebandleni futhi ngathola inhlanganyelo. Yini ungavele nje uhlale lapha na?"

65 Kodwa, lalelani. UElisha akacabanganga ngaleyondlela. Wayesevele ewezwile Amandla kaNkulunkulu. Wayazi ukuthi kwakunokuningi kwakhe. Ngakho wathi, "Kuphila kweNkosi, nokuphila komphefumulo wakho, angiyikukushiya." O, ngikuthanda kanjani lokho!

66 Futhi wenyukela eBethele, endlini kaNkulunkulu, futhi lapho wathola isigejane sezifundiswa ezinkulu. Zonke zazingabashumayeli abaqeqeshwe kahle, futhi bahamba bazungeza bamtshela, bathi, "Mnumzane, uyazi ukuthini? Usekupheleni okuncane kwenduku. Ubuwazi yini ukuthi uElija uzosuswa kuwe na? Useguge kakhulu. Ngeke asaphila isikhathi eside kakhulu. UElija uzothathwa, futhi wena uzoma phandle lapho njengohlanya."

67 Ake nginitshele okuthize manje. Indoda eke yaze yanambitha uNkulunkulu, ingeke ivume, noma, ingeke ikucime ukoma kwayo ngethangwe elenziwe ngumuntu. Ingeke ikwenze. Lapho, lonke ulwazi lwesayense yabo yezenkolo ababenayo lapho esikoleni sabaprofethi, yayingeke ikucime ukoma kwaleyondoda kaNkulunkulu, eyayike yanambitha okukaNkulunkulu.

68 Futhi babelokhu bemncenga, "O, ufanele uhlale lapha. Futhi, kungani, emavikini ayisithupha singakunika iPh.D. yakho. Futhi uyazi ukuthi bekungeke kube yisikhathi eside kakhulu uze uthathe cishe iminyaka emine yokuqeqeshwa lapha, futhi besingakunika ilungelo lokushumayela. Uyazi, Uma Uveze ubufakazi ukuthi ukahle, besizokuthumela ehlelweni lakho." Lokho ngeke kuyenelise indoda kaNkulunkulu.

"Sizokuqeqeshela ukuba ube umfundisi, uma nje uzohlala nathi cishe iminyaka emine noma emihlanu lapha."

69 Wayengenaso isikhathi salolohlobo lwento. Wayesendleleni yakhe eqonde kulowoMthombo. Wayesefike waba ngaphezulu kwalokho. Wayesebe nakho ukunambitha kwaseZulwini emphefumulweni wakhe.

70 Futhi wathi, "Uyazi ukuthi inhloko yakho izothathwa na?"

71 Futhi lalelani ukuthi wathini. "Yebo, ngiyakwazi. Kodwa thulani." Ngamany'amazwi, "Zibambeni umoya. Ningazami ukungitshela ngakho. Ningazami ukungitshela ukuthi ngenzani. Ngiyazi ukuthi ngiyaphi nokuthi ngifunani." [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kathathu—Umhl.]

72 Nkulunkulu, siphe amadoda anjalo, amadoda aqeqeshwe nguNkulunkulu engakwazi ukuyaluza ku*lokhu* futhi iyaluze ku*lokho*.

73 "Ngiyazi ukuthi ngiyaphi. Futhi ningakhulumi kimi ngakho. Zibambeni umoya nje. Ningazami ukungithena amandla, ngoba akuzukusiza ngalutho."

74 O, uma abantu abakhulekelwe bebengavele nje babenalesosibindi!

75 "O, izinsuku zezimangaliso selwedlule. Lokho kwakungesilo iqiniso, qaphelani, nizophinde nigule futhi."

76 "Zibambeni umoya nje. Ningangitsheli lutho ngakho. Ngiyaqhubeka. Imvuselelo iyeza. UNkulunkulu uyethembisile." O, nina-madodana kaNkulunkulu, phumani niyongena kulesosibhakabhaka ngaleya, ningesabi. Ningesabi! Thathani uNkulunkulu eZwini laKhe.

77 "Ngiyazi u—uzothathwa. Kodwa lokho akusikho engi... Aninalutho lapha olungihehayo. Zonke iziqu zenu nama Ph.D., neZiqu zoBuciko, nayo yonke lento, akungenelisi. Zibambeni umoya nje."

"Awu, uzoqhekezeka phandle lapho."

78 "Awu, uma ngiqhekezeka, mangiqhekezeke. Ngisendleleni yami." Wayesuka, wahamba.

"Ungeke ukwenze kuhambe kuwele."

79 "Ngiyazi ngeke ngakwenza kuhambe kuwele, kodwa uNkulunkulu uzongiweza," washo.

"Awu, uElisha uya eJordani."

"Ngihamba naye."

UNkulunkulu ufuna iJordani kuyo yonke impilo.

80 Ngakho, uElisha uyafika. Wathi, "Manje, Elisha..." UElija wathi kuElisha, "Useyinsizwa nje," mhlawumbe into enjengalokhu, "futhi ngempela awukaze ube kunoma yikuphi ukufunda." Umprofethi omdala wayezama ukumvivinya.

Wathi, "Useyinsizwa nje. Awukaze ube nakho ukufunda okuningi. Ngani, awuna . . . Kungukuthi, ngempela, awukaze ube nemfundo yasesikoleni yokukhulunywa nokubhalwa kolwimi. Into kuphela okwaziyo ukuyenza ngukuthi kulinywa kanjani. Ngakho bekungangcono uhlale lapha, futhi ukuze uthole iZiqu zakho zoBuciko. Niyabo? Bekungangcono uhlale futhi uthole iziqu zakho."

81 Kodwa hhayi uElisha, hhayi leyondoda eyayike yathinta uNkulunkulu, yawezwa lawoMandla ogcobo ephezu kwayo. Yathi, "Kuphila kweNkosi, nomphefumulo wakho ongafi neze, angiyikukushiya." Wayenenhloso. Wabona umbono. Wayazi ukuthi yini eyayizokwenzeka.

82 Futhi bobabili behlela eJordani. Ukuthi *Jordani* kusho "ukufa." Bami lapho, ikhehla nensizwa. Ngempela kumele uKristu neBandla laKhe. Futhi bama lapho, ngaseJordani. Nanto, lehla liphuma emagqumeni aseJudiya, amagagasi amakhulu eduma kanjalo. NoElisha . . . nezinwele zakhe ezimpunga zehle ngomhlane wakhe, namehlo akhe amadala asefifiyele ebuka ngaphesheya kweJordani. Nensizwa iqaphele wonke umnyakazo ayewenza. Eyodwa, insizwa, yayilindele umbono, ukwenza intando kaNkulunkulu. Omunye wayeya eKhaya. Bobabili babeseJordani. UElisha, kuye . . . Uya eKhaya.

83 UElija wayenempilo ebuhlungu. Lowomshumayeli wesifazane ezansi laphaya wayemnike indlela enzima yokuhamba, uJezibele noAhabi. Namatshe nakho konke ayedlule kukho! UElija wayesekhathele. Futhi wayazi ukuthi wayelwile ukulwa okuhle, futhi wayeseliqedile ibanga. Ngaphesheya kweJordani nje kwakubekwe umhlalaphansi wakhe.

Kodwa uElisha wayeqaphele lowoMoya owawuphezu kwakhe.

84 Ngakho, uma niqaphela, lonke ikholwa, uma ufika endaweni lapho ozodingeka uthengise khona ngakho konke, uzowezwa amagagasi abandayo aseJordani ethi khaphaca ezinyaweni zakho. Uyawela, noma awuweli? I*Jordani* ngu "kwehlukana," ukwehlukanisa.

85 Futhi abami ngemuva kwegquma kwakuyilaba bashumayeli, nokho, bempongolozela uElisha, "Kungcono ungaweli. Uzophonseka emanzini." Niyabezwa, iziphawulo, namanje, namhlanje.

86 Kodwa, uElisha wathi, "Uma uNkulunkulu enguNkulunkulu, futhi lowo ngumprofethi waKhe, ngifanele ngithathe indawo yakhe. Futhi ngiyawudinga uMoya waKhe ukukwenza ngawo. Angisidingi isikole sabo. Ukuba isikole sabo sasikwenzile, bebeyothatha indawo yakhe. Kodwa uNkulunkulu ubize mina ukuba ngikwenze, futhi ngiyawudinga uMoya waKhe."

87 Ukuba izikole zamabandla zaziyithathile indawo, naMandla uJesu awanikezayo, babezoyithatha, eminyakeni eyedlula; iMethodisti, iBaptisti, iKatolika, iPresbyterian. Kodwa soze lakwenza.

88 Kuthatha uMoya kaJesu Kristu! Futhi uzowela iJordani, lawo onke amahlelo esemva kwalo, konke okunye, futhi ume wedwa noNkulunkulu.

89 Ngakho, Wama naye eJordani. UElija ebheka phezulu lapho, azi, ndawo ndawo ngaphesheya lapho, uNkulunkulu wayezohlangana naye. Futhi wakhumula ingubo yakhe, futhi waqalaza ngasensizweni. Futhi washaya iJordani. Futhi lapho ekwenza, iJordani lavuleka. Futhi bahamba bawela, emhlabathini owomileyo.

90 Niyabo, iJordani alilibi kangako, empeleni, uma kukhona Into enawe yokuvula indlela.

91 O, lapho sebefika ngakwelinye icala! Okuhhakwe kulolonke ihlathi kwakuyihhashi nenqola. INkosi yamakhosi yayithumele umphelekezeli ukuba akhuphulele uElija eKhaya. Kwase kuphele konke, kuElija. Wayesenakho sekwenele, cishe iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nento, yokuqophisana nalabo bantu ezansi lapho, futhi kade ku. . . edlula ekulambeni nasemibangweni, nakho konke okunye. Wayeselungele ukuya eKhaya. Futhi waqalaza ngakuElisha.

92 NoElisha wayefuna ukubona umbono. O, wayekade enakho konke ukufunda, emuva lapho ngabe wama khona. Babengafinyeleli-ndawo. UNkulunkulu wayezomqeqesha ngendlela okungeyaKhe. Ngakho ngenkathi ebheka laphaya, wabheka, zonke-zonke lezozihlahlana kuhhakwe ngapho, lezizinqola zoMlilo namahhashi oMlilo, kwamenzela okuthize uElisha. Wabona umbono. Yebo, mfowethu!

93 Futhi lapho uNkulunkulu esemthathe wamkhuphula uElija, wabuya esenokuphindwe kabili okoMoya wakhe. Wayeseyilungele-ke imvuselelo ngalesosikhathi.

94 Qaphelani indoda ngalesosikhathi, ikade ingumfana ongumlimi nje ngaphambilini. UNkulunkulu wenza igama lakhe lingafi. Bonke abaprofethi abama bezungezile, bemqaphele, bakhothama ezinyaweni zakhe ngoba wayenaMandla kaNkulunkulu phezu kwakhe. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.]

95 Kuza ihora lapho uNkulunkulu ezokwenza izwe likhothame ezinyaweni zabesilisa nabesifazane obhukude wedlula wase ewela iJordani, futhi wehlukanisa lezozinto. . . qobo lwabo, ezintweni zezwe. Mfowethu nodadewethu, kulobubusuku, noma yini eniyenzayo, noma yini eniyicabangayo, welani iJordani noNkulunkulu. Qhubekani niwele futhi nehlukanise, nishiye izwe ngemuva. Vumelani uNkulunkulu aniqeqeshele inkonzo

yaKhe uqobo. Siphila osukwini olungaphambi kwalemvuselelo, kodwa uNkulunkulu uyacwaninga, ezama ukuthola izinhliziyo.

96 Bukani. Wathola indoda egama linguPawulu, o, umFarisi ozishoyo. Kodwa Wadingeka ukuthi amsebenze, kanjalo, ngaphambi kokuba akwazi ukuba umfundi. Bukani ukuthi Wenzeni, kwehle njalo eminyakeni, emadodeni. Wayewathatha bese ephampa akhiphe kuwo isanyense yabo yezenkolo. NoPawulu, kwathi nje angabona umbono, akenyukelanga eJerusalema, kuGamaliyeli, umfundisi odumileyo, omkhulu kunabo bonke kwaIsrayeli, ayekade efundiswe nguye. Akazange abuyele emuva kuye, ukuba abuze kuye. Ngani, akazange aye ngisho naseJerusalema, iminyaka elishumi nane kamuva. Kodwa wehlela eGibhithe, emhlanganweni womkhuleko. Lapho uNkulunkulu wamvumela ukuba abhale iziNcwadi eziningi zeTestamente eLisha. Niyabo? UNkulunkulu ucinga amadoda. Wayenomuntu othile Ayefuna abhale leloTestamente, ngakho Wavele wakhetha uPawulu. Futhi wavele nje wayikhipha yonke isayense yakhe yezenkolo kuye. NoPawulu wathi wakukhohlwa konke ake akwazi, ukuze afunde uKristu.

97 UNkulunkulu namhlanje uzama ukuthulula lonke izwe liphume kithi, futhi asenze sizithulule konke kuphume kithi, futhi sibe ngabesilisa nabesifazane abangesabi abathanda uNkulunkulu, nabazohlala noNkulunkulu, futhi banqamule emgqeni owehlukanisayo, iJordani, ukuze asisebenzisele inkazimulo yaKhe.

98 Leli yihora engifuna nicabange kanzima. Futhi uma ningakaze niyiwele lendawo, uma ningakaze nihlangane nalomugqa, lapho enisazo lokhu nisho ukuthi, “Awu, umama wami wayesonta esontweni elithize.” Lokho kulungile. Lokho akuyithathi indawo yakho. Niyabo?

99 UNkulunkulu ubiza abesilisa nabesifazane, namhlanje, ekhaleni lempi. Akababizeli eGilgali, kanjalo futhi Akababizeli eJeriko, noma eBethele. U . . . Bazobhubha. Kodwa Ubabizela ukuba bawele iJordani, ukuze anikhiphele esikoleni saMandla aKhe uQobo, futhi anenze anibumbe.

100 Bukani ukuthi Wenzani khona lapha manje, ehlisa uMoya weNdodana yaKhe. Wenza izibonakaliso nezimanga nezimangaliso, izwe elingakaze lizibone eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili eyedlule. Izwe lesayense lisibambile isithombe saWo, iNsika yoMlilo, iNgelosi yeNkosi. Silenga eWashington, D.C., kulobubusuku, ehholo lobuciko bezenkolo, okunguMuntu kuphela ongesuye owalomhlaba owake wafakazeleka ngokwesayense ukuba athwetshulwe isithombe. Uveza obala izibonakaliso nezimanga zaKhe ezifanayo.

101 Kuyini na? Kungukuwela iJordani. Uhambe noNkulunkulu yedwa. Ubekwe esithandweni saKhe uQobo sokucwebisa. Ubesesondweni elikhulu loMbumbi oMkhulu futhi uMdedele

akubumbe. Kulobubusuku, sisesemkhulekweni, siseza kuleyondawo, zibeke wena khona ngaphezulu esondweni laKhe, bese uthi, "Nkosi, ngilapha. Ngibumbe ungenze ngibe njengaWe uQobo ngesimilo." NoNkulunkulu uzokwenza.

102 Ngenkathi, sisakhothamisa amakhanda ethu okomzuzwana nje ukuba sibe nezwi lomkhuleko. Ngaphambi komkhuleko nje, ngithanda ukubuza lombuzo kubantu ngaphakathi nabangaphandle. Bangaki phakathi lapha ngobuqotho abangathanda ukuhamba noJesu behlele eJordani, kulobubusuku, futhi lapho bawelele ngapheshey a lapho niye lapho khona eningabona umbono futhi nibone ukuthi uNkulunkulu usho ukuthini ngempela? Ningaziphakamisa izandla zenu. UNkulunkulu anibusise. Bukani nje! Ngiqagele kukhona izandla ezingamakhulu amabili endlini, eziphakeme. Nehlele eJordani, ningehleli ekholiji. UElisha wedlula ngqo ngakulokho.

Bathi, "Ake uhlale lapha."

103 Wathi, "Angifuni. Lokho kwenziwe ngumuntu." A, soze kwakucima lokho koma komuntu owomele uNkulunkulu. Akukho lwazi lwekholiji, akukho—akukho-ziqu zobuciko, noma okunjalo, akusoze, akusoze kucime lokho koma, uze ukuba usuphuze kulowomthombo wokuPhila.

Nina eniphakamise izandla zenu, khulekani nami manje.

104 Nkulunkulu othandekayo, kulo imizuzu embalwa yenkonzo, abesilisa nabesifazane bemi bezungeze izindonga, abafana namantombazane; nangaphandle, bencike emafasteleni; kushisa. Kodwa nokho ikhona into ekubo, ukuthi Ukubambile ukunaka kwabo, kungenjalo bebezosuka bahambe. Bebengeke bame lapho kanjalo.

105 Kodwa, Nkosi Nkulunkulu, ngoba bayazi ukuthi nje bayizidalwa ezingabantu. Futhi sifundile ephepheni lapho oyedwa wababeyizimeya zakithi ezihloniphekile walalela iSekela-Mongameli likhuluma, wathathwa. Omunye emdlalweni webhola, ngobunye ubusuku, indoda eyaziwayo, yahamba ngokushesha. Nemiphefumulo yabo indawo ndawo kulobubusuku. Nkulunkulu, leyo kuyoba yindlela yethu ngelinye ilanga. Mhlawumbe kungabi ngendlela efanayo kodwa sifanele sihambe.

106 Namadoda mawaqonde azi ukuthi ukuba ngowesonto nje akusikhona lokho Okudingayo. Ufuna amadoda agcwaliswe ngoMoya, azalwe, aqoshwe, ashiswe ngaphakathi ngoMoya oNgcwele, ashiswe ngensimbi yokubekwa uphawu, amadoda ewele umugqa, amadoda abizwe nguNkulunkulu. Futhi sikholwa ukuthi Uzothumela imvuselelo uBilly Graham nabanye abaningi abayikhulekelayo. Lapho Ungathola amadoda azophuma azimele, asuke esikoleni sawo sesayense yezenkolo, asuke ezindleleni zawo zokuzisho wona, amadoda angesabi,

amadoda a—anesimilo naWe, eKukholwayo iKuthathe eZwini laKho.

107 Nkulunkulu, sengathi abaningi babo bangama babekhona manje, abazonikela ngakho konke abanakho eNkosini uJesu, futhi bakuthengisele izwe konke, baqhubeke bedlule iGilgali, indawo yokuvuma neziqalo zamaKristu. Baqhubeke bedlule isikole sabaprofethi abahlezi emuva lapho nesayense yabo yezenkolo. Baqhubekele eJordani, embonweni ovulekile lapho abazokwazi khona ukuwela, bathole ukuthi uNkulunkulu ophilayo usaphila.

108 Kamuva sithola lomprofethi eqalaza macala onke ngakuye, futhi kwakukhona lezoziNgelosi zoMlilo ezifanayo, nezinqola, ezansi eDothani, ngelinye ilanga.

109 Asekhona lapha kulobubusuku, Nkosi. Biza abesilisa baKho, biza abesifazane baKho, abafana baKho, amantombazane aKho, Nkosi. Khuluma ukuthula ezinhliziyweni zabo futhi ubavumele bawelele ngaphesheya ngaleya kwezinto zezwe. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu nangenxa yaKhe. Amen.

110 Ngifuna ukucula lelo umzuzwana nje, ngokukhulu ngempela ukuthula ekukhonzeni.

> Yiba nendlela yaKho, Nkosi!
> Yiba nendlela yaKho!
> Ngengame ngisekhona
> Ngithonyeke uqobo!
> Ngibumbe ungenze
> Ngokwentando yaKho,
> Ngisalindile,
> Ngazinikela ngathula.

Sonke kanyekanye manje, ngendlela yokukhonza.

> Yiba nendlela yaKho,

Manje zinikele kuleloculo, ngaleloculo, kuNkulunkulu.

> Yiba nendlela yaKho!
> Ngengame ngisekhona
> Ngithonyeke uqobo!
> Ngibumbe ungenze
> Ngokwentando yaKho,
> Ngisalindile,
> Ngazinikela ngathula.

111 Ngokuthula manje, ekukhonzeni manje. Ningaqalazi. Bhekani kuNkulunkulu nje.

> Yiba nendlela yaKho, (Kushoni ngempela.)
> Yiba neNdlela yaKho!
> Wena unguMbumbi;

Mina ngilubumba.
Ngibumbe ungenze
Ngokwentando yaKho,
Ngisalindile,
Ngazinikela ngathula.

112 Ngikholwa ukuthi kuzoba kuhle ngempela. Niyakuthanda ukukhonza na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UMlayezo usuphelile manje. Asikhonze nje, umzuzu, namakhanda ethu ekhotheme, leloculo futhi. Kushoni ngenhliziyo yenu.

Yiba neyaKho . . .
Yiba nendlela yaKho!
Wena unguMbumbi;
Mina ngilubumba,
Ngibumbe ungenze
Ngokwentando yaKho,
Ngisalindile,
Ngazinikela ngathula.

113 Nkosi, siphe lokhu. Sengathi wonke umuntu, kusukela kulababantwana abancane kuya kowesilisa nowesifazane omdala kunabo bonke eBukhoneni bobuNkulunkulu, sengathi uMoya oNgcwele njengamanje ungasebenza okholweni lwabo futhi ususe konke ukungabaza, konke ukwehluleka okuncane, futhi sengathi bangabunjwa ngokwentando yaKho. Besesesondweni lokubumba elikhulu laKho, sibeka imiphefumulo yethu ekuzinekeleni, iphinda ibunjwa. Siphe khona, O Nkulunkulu, eGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

114 Ngiyakuthanda nje lokhu. Anikuthandi nina na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngokuthula nje nizwa uMoya oNgcwele. O, emva koMlayezo ongapholishekile, bese-ke kuba yilobo bumnandi bukaMoya oNgcwele! Ufika ngeZwi. Ngizocula ivesi lalokho, noma ngilizame.

Livuza igazi, yebo, livuza igazi,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele, livuza igazi,
Igazi lababafundi abafela iQiniso,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele livuza igazi.

Owokuqala ukufela lelicebo likaMoya oNgcwele,
Kwaba nguJohane umBhaphathizi, kodwa wafa njengomuntu;
Kwase kufika iNkosi uJesu, baMbethela,
Washumayela ukuthi uMoya uyosindisa abantu esonweni.

Kwakukhona uPetru noPawulu, noJohane omkhulu,
Banikela izimpilo zabo ukuze leliVangeli likhanye;

Baxubanisa igazi labo, njengababaprofethi basendulo,
Ukuze iZwi likaNkulunkulu leqiniso likhulunywe ngobuqotho.

Base bemkhanda ngamatshe uStefanu, washumayela wahlaba isono,
Wabathukuthelisa kakhulu, bamphihliza ikhanda lakhe phakathi;
Kepha wafela eMoyeni, waphuma umphefumulo,
Futhi wahamba ukuyohlangana nabanye, lesosixuku esikhulu esinikela ngokuphila.

Imiphefumulo ephansi kwe altare, iyamemeza, "Koze kube nini na?"
Ukuba iNkosi ijezise bonke lowo owenze okungafanele;
Kodwa kuzoba nabanye abazonikela ngegazi lokuphila kwabo.
NgaleliVangeli likaMoya oNgcwele nozamcolo waLo obomvu.

Sonke kanyekanye manje.

Livuza igazi, yebo, livuza igazi,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele, livuza igazi,
Igazi labafundi abafela iQiniso,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele livuza igazi.

115 Babeyini na? Amadoda uNkulunkulu awaqeqeshayo futhi wawabiza. [Akuqoshwanga—Umhl.] Angake akwenze kanjani uNkulunkulu ukuba asebenzise igwala ukuba afake iZwi laKhe kulo na? Lishaywa wuvala. Yingalesosizathu bengazi lutho ngaLo. Amadoda angashaywa wuvalo, uNkulunkulu awasokileyo ngoMoya oNgcwele, uNkulunkulu uphila ngaphakathi. Ibingavele nje masinya iphawule ngegazi layo njengokungathi qha, ubufakazi bayo ngegazi layo; ayinandaba. NguKristu emphilayo. "Ngokuba kimina ukuphila kunguKristu, nokufa kuyinzuzo." Yileyondlela akuzwa ngayo. Amen.

116 Manje sekuyisikhathi somugqa womkhuleko. Futhi ngumugqa womkhuleko osheshe waqala, nje sekuthi ayibe amashumi amabili emva kwelesishiyagalombili. Kodwa sifuna ukukhulekela abantu. Futhi ngifuna nina manje, lokhu... Konke ukushumayela ebesingakwenza bekungeke—ngeke kwaqhathaniseka nanelilodwa iZwi elikhulunyiwe elivela kuNkulunkulu uqobo lwaKhe.

117 Manje ukuqala umugqa womkhuleko, okungukuthi, sethembise ukukhulekela bonke. Lokho sizokwenza, uNkulunkulu ethanda. Thina, ubusuku ngabunye, sinikezele amakhadi okukhulekelwa. Futhi sithi, kulokhu, ukuthi... Ubusuku ngabunye sibize iqembu lapho, ukuba kwahlukaniswe

ngokubona okufihlakele. Kodwa abantu, ngalesosikhathi, abanye babo bahambe ngalobo busuku. Besiba nomhlangano omkhulu, noMoya wehle, nabantu bahambe. Futhi ngobusuku obulandelayo sidingeke ukuba sinikezele amanye.

118 Futhi uma ngingaphosisi, angibuki yena uFannie Wilson emi emuva laphaya? [UDadewethu Wilson uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Ngiyakhumbula ngithatha lowo wesifazane, cishe ishumi nesikhombisa . . . O, kungaphezu kwalokho, cishe amashumi amabili- . . . ["1932."] 1932, efa, eneTB, nodokotela walelidolobha wayesemdelile. Futhi wayenomopho izingubo nakho konke kwaze kwabekwa kumanzi igazi. Umyeni wakhe nendodakazi bafika bangithola, ngokunye ukusa. Ngaphumela lapho ngabiza phezu kwakhe, iGama leNkosi uJesu. Futhi cishe ezinsukwini ezimbalwa kamuva, ngesikhathi sasebusika esibandayo, ngambhaphathiza eGameni leNkosi uJesu, emfuleni. Futhi uza ehla ngomgwaqo, engemuva etrakhini yezinkomo endala, emanzi te. Usaphila nakulobubusuku, ngoba uKristu wakwenza. Ngiyaqala ukumbona sekuyiminyaka eminingi. Ngiqalaza ngaphezu kwezethameli, ngikubona.

119 UNkulunkulu usaphila. Kunjalo. Futhi Wathi, "Ngoba ngiphila Mina, nani ningaphila."

120 Manje ngithanda uku, ukuthi nje ukubeka kini ukuthi lokhu kuyini, ngoba, uma ngingakwenzi, khona-ke ningahle nihambe bese nithi, "Awu, angikuqondi lokho."

121 Manje, imibango yami yilokhu, ukuthi, "UJesu Kristu uhlala enguye izolo, namuhla, naphakade." Manje, uma Efana, Ufanele afane kuzo zonke izimiso, ofanayo e—emandleni, ofanayo ngempi, ofanayo ezintweni zonke Ayeyizo.

122 Futhi ngenkathi esemhlabeni lapha, kwakukhona amaGreki, ngesinye isikhathi, afika ayesethi, "Banumzane, sithanda ukubona uJesu."

123 Futhi ngikholwa ukuthi leso yisifiso sawo wonke owesilisa nowesifazane owake wezwa ngoJesu, ufuna ukuMbona. Futhi uma Engafani, khona-ke singeke saMbona. Kodwa uma Efana, singaMbona, kungenjalo Washo into eliphutha. "Kuseyisikhashana, nezwe lingabe lisaNgibona, kepha nina niyoNgibona, ngokuba Ngi," isabizwana somuntu, "Ngiyakuba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezikhathi zonyaka." Wase-ke uJesu ethembisa ukuba seBandleni laKhe, enza izinto ezifanayo Azenza ngaleyonkathi, kuze kuphele izikhathi zonyaka. Manje wathi, "Kuseyisikhashana," izwe lingabe lisaMbona. Awu, manje-ke, singaMbona kanjani na? Sizofanele sibone uMoya waKhe, uma Ekithi, nalowoMoya uzofanele wenze okufanayo naKwenzayo ngaleyonkathi, kungenjalo Ungebe nguMoya ofanayo.

124 "Mina nginguMvini, nina ningamagatsha." Futhi uma sithela . . . Uma igatsha liseMvinini, igatsha liyothela uhlobo

lwesithelo oluvezwa nguMvini kuso. Awu, uMvini wokuqala uyavela . . . Igatsha lokuqala eliphuma eMvinini kwakuyigatsha lamapentecostal; imibono, amandla, ukuphilisa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, izibonakaliso ezinkulu, nezimangaliso. Igatsha elilandelayo liyofanele libe luhlobo olufanayo lwegatsha. Kwehle njalo kuze kuyofika ekugcineni, kuyofanele kufane. Yilokho uJesu akushoyo.

125 Manje, ake sibone ukuthi Ube yini izolo. Uma singathola ukuthi Ube yini izolo . . . Manje ngithatha indlela enqamulelayo, ngenxa yesikhathi; ngizonikeza cishe imizuzu emihlanu yeziyalelo. Futhi uma singabona ukuthi Ube yini izolo, khona-ke singabona ukuthi Uyini namuhla, futhi uyoba yikhophakade. Ngabe lokho kwenele ngempela na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

126 Manje, ngenkathi Eselapha emhlabeni, Wafika njengoMesiya, wabhaphathizwa nguJohane umBhaphathizi; wayengakenzi-misebenzi nokho. Futhi Wangena enkonzweni yaKhe yasekuqaleni. Wayethunyelwe kubani na? AbaJuda.

127 Manje, siyaqonda ukuthi kukhona izizwe ezintathu kuphela zabantu emhlabeni, okungukuthi: iJuda, oweZizwe, nomSamariya; okungabantu bakaHamu, uShemi, noJafete. IJuda, oweZizwe, neSamariya!

128 Niyakhumbula na? UPetru wababiza, enezihluthulelo kuwo uMbuso, ngoSuku lwePentekoste, kubaJuda. "Phendukani, yilowo nalowo, abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu."

129 UFiliphu wehla washumayela kumaSamariya. Onke akholwa aphenduka, futhi ayekade ebhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu. Kuphela, uMoya oNgcwele wayengakehleli kuwo. UPetru wayenezihluthulelo. Wehla wase ebeka izandla phezu kwawo, ase emukela uMoya oNgcwele.

130 Kwase kuthi-ke uKorneliyu, oweZizwe, wayenombono, ukuthi wayezothuma alande indoda ethiwa uPetru, uSimoni Petru, owayehlala endlini yendoda eyayingumshuki. Futhi lapho uPetru ekhuphukela lapho, "Kwathi uPetru esakhuluma lawamaZwi, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo." Wayesethi uPetru, "Ukhona yini umuntu ongala namanzi na? Laba bemukele uMoya oNgcwele njengoba nathi saWuthola ekuqaleni." Lonke igatsha livela ngokufanayo nje. Niyabo?

131 Manje, ngenkathi uJesu ehlangana . . . Manje, Akezanga kwabeZizwe. Bangaki okwaziyo lokho na? Uyabenqabela abafundi baKhe ukuba baye kunoma yibaphi abeZizwe. Bangaki okwaziyo lokho na? "Ningahambi ngendlela yabeZizwe, kodwa yanini kakhulu ezimvini ezilahlekileyo zakwaIsrayeli. Ekuhambeni kwenu, shumayelani, nithi, 'UMbuso weZulu ususondele,' ezimvini ezilahlekileyo zakwaIsrayeli."

132 Manje, ubani owayeMbhekile ukuba afike ngalolosuku na? Akusibo abeZizwe; sasingabahedeni, abeNgisi uSaxon. SasingamaRoma, sikhonza ilanga nokunjalo. Sasingabheke-Mesiya, kodwa abaJuda namaSamariya lalimbhekile. Manje, Wazimemezela kanjani qobo lwaKhe kulabo bantu owayeMbhekile na?

133 Asibuyele emuva manje kuJohane oNgcwele, isahluko 1, futhi okomzuzwana manje. Futhi lalelisisani.

134 IJuda lokuqala elake lalethwa kuYe, ngenkathi uFiliphu noma . . . uAndreya waphenduka, wase ehamba wafumana umfowabo, uSimoni Petru, waletha uSimoni phambi kukaJesu. NoJesu wamtshela ukuthi wayengubani igama lakhe, nokuthi elikayise lalingubani. Bangaki okwaziyo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nicabanga ukuthi lokho kwenzani kuleyondoda, eyayizothi kamuva ibe nezihluthulelo kuwo uMbuso esandleni sayo na? Yilokho Akufakaza qobo lwaKhe ukuthi uyikho, uMesiya. Masinya kwase . . .

135 UFiliphu waphenduka, wase ehamba wafumana uNathanayeli. Lokho kungamamayela angamashumi amathathu ukuzungeza intaba. Futhi ukhuphukela endlini, futhi sengiyamuzwa ethi, "O, Nkk. Nathanayeli, uphi uNathanayeli na?"

"O, uphumile uye e—ehlathini leminqumo."

136 Waphuma wagijimela lapho ngokukhulu ukushesha, "Nathanayeli, ukuphi na?" Futhi wamthola engaphansi komuthi. NoNathanayeli wayekhuleka. Futhi walinda waze waqeda ukukhuleka. Futhi wathi, hhayi ukuthi, "Sawubona, Nathanayeli? Kunjani ukudla okusanhlamvu na?" O, wayenomlayezo! Inaleyondlela-ke indoda ehlangane noJesu. Ayinasikhathi sobuwula. Wathi, "Woza, ubone ukuthi ubani esimfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa!"

137 Futhi manje sengiyambona uNathanayeli ethuntutha izingubo zakhe, kade esemkhulekweni. Wathi, "Manje, Filiphu, bengikwazi uyindoda elungileyo, nendoda eqotho. Manje, kungase kuvele okuhle eNazaretha na? Awu, niyazi, uma uMesiya ubezofika, Ubezofikela eJerusalema, ngebandla." Yilokho abantu abakucabangayo namhlanje. Niyabo? "Ubezofika ngokuthi edlule eJerusalema. UKayafase akazange akumemezele emhlanganweni wokugcina. Ngakho, akukho noyedwa owosiyazi bezenkolo owakumemezela. Ngakho bengikwazi uyindoda eqotho. Ngabe uke wangenwa amadlingozi na?"

"O, qha. Woza uzozizwela."

Wathi, "Kungase okuhle . . . "

138 Umnika impendulo ezedlula zonke enganikezwa noma yimuphi umuntu, wathi, "Woza, uzozibonela."

139 Manje, endleleni ngokuzungeza, sengiyamuzwa uNathanayeli ethi . . . noma uFiliphu ethi kuNathanayeli, "Uyazi uk'thini? Uyamkhumbula lowomdobi omdala ezansi laphaya ongakwazanga ngisho ukusayina leyorisidi ngenkathi umnika lokho, wathenga lezozinhlanzi kuye na?"

"Yebo. Ngikholwa ukuthi igama lakhe kwakunguSimoni."

"Yebo, yilo lelo."

140 "Ngamletha, ngeliny'ilanga, enhla phambi kwalowoMesiya, futhi Wathi angambona nje, Wathi, 'Igama lakho unguSimoni. Igama likayihlo nguJona.' Futhi ngi . . . Akungimangalisanga, kodwa uma ufika phambi kwaKhe, Ubengekutshele yini ukuthi ubungubani."

Wathi, "A, manje, awume kancane, hhayi mina."

141 Ngakho, ngosuku olulandelayo bafika. NoJesu wayesemgqeni wabakhulekelwayo, njengokwejwayelekile, ekhulekela abagulayo. Futhi lapho esekwazi . . . uyakhuphuka waphuma wangena ezethamelini. UJesu wabheka phezulu, futhi Wambona uFiliphu eza, eletha indoda yenyuka yedlula esikhaleni sezihlalo. Wase eyibuka, Wayesethi, "Bheka umIsrayeli uqobo okungekho-nkohliso kuye."

142 Lokho kuyiMfundiso eyinqaba na? Lowo kwakunguJesu, izolo. Lowo nguJesu, namuhla, uma Efana.

143 Naleyondoda yama. Sengiyambona uNathanayeli. UFiliphu emgqukuluza, ethi, "Ngitheni-ke kuwe? Ngitheni-ke kuwe?"

144 Wathi, "Rabi," okusho ukuthi *mfundisi*, noma singakubiza sithini namhlanje, niyazi. Ngempela, igama elikahle lesiHeberu lisho ukuthi *mfundisi*. Wathi, "Rabi, Wake wangibona nini na? Wazi kanjani noma yini into ngami na? Angikaze ngiKubone empilweni yami. Wazi kanjani ukuthi ngingumIsrayeli na? Wazi kanjani ukuthi ngilungile, futhi ngiqotho, futhi ngineqiniso na? Awukaze ungibone, empilweni yaKho. Ungazi kanjani na?"

145 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona," amamayela angamashumi amathathu ngokuzungeza intaba, ngayizolo. Mehlo mani!

146 Manje wathini na? Wathi, "Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu. UyiNkosi kaIsrayeli." Uma abaJuda bakuqonda lokho . . . Manje ake nime. Lelo kwakuliJuda elikhethiweyo. Bangaki okholelwayo ekukhethweni na? O, baningi abantu abangasoze bakwemukele. Niyabona na? IBhayibheli lasho njalo. Kodwa leyondoda yayinoMoya kaNkulunkulu kuyo. Futhi yakuvuma, yathi, "Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu. UyiNkosi kaIsrayeli."

147 Kodwa nakho kwakumi osiyazi bezenkolo bangalolosuku, abapristi nabafundisi abakhulu, beMlalele. Futhi niyazi ukuthi bathini na? Bathi, "Ungumbhuli. Unomoya kaBelzebule

phezu kwaKhe." UJesu . . . Abazange bakukhulume kuzwakale, kakhulu. Qhabo, qhabo.

148 Kodwa uJesu waphenduka wayesebabheka. Wathi, "NingaNgibiza ngalokho futhi nizedlulele nakho. Kodwa kuyofika isikhathi okuyothi uMoya oNgcwele ufike ngaso, futhi uma nikhuluma izwi elilodwa elimelene naYe enza into efanayo, akusoze kwathethelelwa kulelizwe noma ezweni elizayo."

149 Ngakho manje-ke sibhekene nani na? Lowo kwakungabaJuda. AbaJuda beqiniso ngempela nabaqotho baMkholwa ukuthi unguMesiya.

150 Abafundisi nosiyazi bezenkolo, babeyini na? Inzalo yenyoka, njengoba sesike sedlula kukho. Wathi, "Ningabakayihlo, uDeveli." Nokho, babehlakaniphile, bekhaliphile, amadoda angcwele. Babenganyakazisi nothi . . . Bengcwele. Babengaphuli-Sabatha. Babengadli-zinyama. Babengamadoda angcwele, kodwa behluleka ukubona. Niyabo, babekade beqeqeshwe ngumuntu.

UNkulunkulu uqeqesha amadoda aKhe, angapholishekile. Kunjalo. Amadoda abizwe nguNkulunkulu!

151 Kwase kuthi ngeliny'ilanga Wa—Wase . . . Yilokho abaJuda abakucabanga. Yileyondlela Enza ukuba Aziwe ngayo kubaJuda. Bangaki owaziyo ukuthi lowo ngumBhalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile. Manje, uma Enza ukuba Aziwe kubaJuda, lowo kwakunguJesu izolo nabaJuda.

152 Manje nina nathi, "AmaSamariya wayebheke Yena ukuba afike." Yebo, ayembhekile, kodwa hhayi abeZizwe. AmaSamariya nje.

153 Futhi ngenkathi Eqala ukuhlangana namaSamariya, Wayenesidingo sokuhamba ngeSamariya. Futhi Wama, wase ethuma abafundi baKhe, ukuba bayofuna ukudla, cishe ngeleshumi nambili nqo. Wahlala phansi emthonjeni. Kuphuma owesifazane, waqala . . . Manje, siyamazi, kulelizwe, ukuthi ungowesifazane onegama elibi, iseqamgwaqo, niyazi, isifebe. Futhi ngakho uyaphuma wase eqala ukwehlisela ibhakede emthonjeni, ukuba akhe amanzi. Futhi wezwa iPhimbo lithi, "Sifazane, Ngiphuzise." Wase eqalaza futhi nakho kuhlezi iJuda elibudala buphakathi kwendima yempilo.

154 Wayenamashumi amathathu nento kuphela, kodwa iBhayibheli lathi Wayebukeka enamashumi amahlanu. Bathi, "UnguMuntu ongakabi phezu kweminyaka engamashumi amahlanu ubudala, futhi uthi Usuke 'wambona uAbrahama na'?"

155 Wathi, "Engakabikho uAbrahama, Ngikhona." Niyabo? Kufanele ukuthi wayethi ukubukeka esemdala ngenxa yomsebenzi waKhe, umzimba waKhe wobuntu.

156 Futhi waqalaza. Wayazi ukuthi WayeliJuda. Wathi, “Nkosi, akusilo isiko lenu baJuda ukuba nicele amaSamariya izinto ezinjalo. Asidlelani.”

157 Wathi, “Sifazane, ukuba ubuwazi ukuthi Ngubani obukhuluma naye, ubuzocela kiMi ngikuphuzise. Futhi beNgizokulethela, ngikunike amanzi ungezi lapha uzokukha.” Wayenzani na? Exhumana nomoya wakhe. Niyabo? Qaphelani, Uzozimemezela yena uQobo kumaSamariya, manje.

158 Wayesethi, “Ngani, Uthi, ‘Kukhulekwe eJerusalema.’ Sithi, ‘Kulentaba.’”

159 Wathi, “Isikhathi siyeza, sesikhona namanje, lapho ningasayikukhuleka kuNkulunkulu, kulentaba, noma eJerusalema, kepha ngoMoya nangeQiniso. UBaba ufuna abanjalo.”

160 Wayenzani na? Ebamba umoya wakhe. Futhi emva kwesikhashana, Esetholile ukuthi inkathazo yakhe yayikuphi. . .Bangaki owaziyo ukuthi inkathazo yakhe yayiyini na? Wayekade enamadoda amahlanu, futhi wayehlala neyesithupha. Ngakho, Wathi, “Sifazane, hamba ulande indoda yakho uze lapha.”

Wathi, “Anginandoda.”

161 Wathi, “Kunjalo. Ubuna. . .nayisihlanu, le ohlala nayo kalokhu ayisiyo eyakho.”

162 Wama waMbuka. Manje, akashongo ukuthi, “UnguBelzebule, nkosi. Ungumbhuli.” Wayazi kakhulu ngoNkulunkulu kunengxenye yabashumayeli baseJeffersonville, kunjalo, eyisifebe. Wathi, “Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena.”

163 Qaphelani, u “mprofethi.” Futhi uma lelogama uzolihlehlisela emuva, uzolithola, uMprofethi uMose akhuluma ngaye ukuthi wayezofika, niyabo, “INkosi, uNkulunkulu wenu, iyakunivusela uMprofethi onjengami.”

164 Wathi, “Ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena.” Wayazi ukuthi Wayengakwazi lokho ngenye indlela; wayengeke akwazi. Wathi, “Ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena.” Manje lalelani lapha, “Thina, maSamariya,” hhayi abaJuda manje. AmaSamariya, “Siyazi, nxa uMesiya efika, Uyositshela lezizinto.” Niyabona ukuthi hlobo luni lwesibonakaliso ababelubhekile? Isibonakaliso sikaMesiya. “Nxa uMesiya efika, Uyositshela lezizinto, kepha Wena ungubani na?”

Wathi, “NginguYe, okhuluma nawe.”

165 Wayesewisa imbiza yakhe yamanzi, wagijimela emzini, wayesethi, “Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzileyo. Kungebe nguye uMesiya lona na?”

166 Uma leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya ngalesosikhathi, kuzofanele kube yisibonakaliso sikaMesiya namhlanje. Uma E. . . Manje, khumbulani, kwakungakaze nakanye lesosimangaliso sike senziwe phambi koweZizwe. Kwakunqatshelwe. Ngani na? AbeZizwe babeneminyaka eyizinkulungwane ezimbili zobusonto.

167 Kodwa manje ukuphela kwesimiselo sezikhathi zabeZizwe sekulapha. NeRashiya, amakhomanisi, anebhomu ekhombe ngakini ngqo, ukusiqeda, futhi. Ningakhathazeki, siyeza. IBhayibheli lasho njalo. Siyoba lapha negama lakho libhalwe kuso, futhi liyoba nguphawuda ngesikhathi somzuzwana owodwa, isizwe sonke. Siyoba ngesiqothulwa nya. Qaphelani, nguNkulunkulu lowo owenza lokho. Ngiyazi angamakhosi amakhulu akhululekile, ayisigejane sabahedeni. Kodwa akazange yini uNKulunkulu avuse izizwe ezingabahedeni ukuqondisa uIsrayeli ezinsukwini ezedlulayo na? IBhayibheli liyasho ukuthi IRashiya nobukhomanisi kusebenza ezandleni zikaNkulunkulu ngqo, ukuqeda ngokoqobo umhlaba wabantu.

168 Kodwa ngaphambi kokuba lokho kwenzeke, kufika uHlwitho luthathe iBandla liye eKhaya ngaphambi kokuba lokho kwenzeke. Futhi uma lokho sekusondele kakhulu, lusondele kangakanani uHlwitho na? Lusondele ukwedlula lokho. Ngakho niyabona ukuthi kungani si. . . kungani ngishumayela ngendlela engenza ngayo, kungani ngizabalaza kanzima kakhulu ngakho konke engingakwenza; ngenkathi uNkulunkulu esenza konke Angakwenza, ukugxisha lokho kubaKhethwa, ukudonsa ngikhiphe iNzalo yowesifazane, ukuze inzalo yenyoka ikwazi ukuthatha isijeziso. Lokho kunjalo impela. Yilokho Athembisa ukukwenza.

169 Manje, uma uJesu azimemezela yena uQobo phambi komJuda naphambi komSamariya, ngalezozibonakaliso, futhi ezosiyeka sihambe ngaphandle kokumemezela isibonakaliso esifanayo kithi, Ungongalungile; uma nje Esiyekela sedlule, ngokuthi, "SiyiMethodisti. SiyiBaptisti. SiyiKatolika. SiyiPresbyterian." Qhabo, mnumzane, Usidedela sedlule nesayense yezenkolo ebandayo.

170 Uzofanele afike nezibonakaliso, izimanga, njengoba nje Enza endaweni yokuqala, uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade. Sesifikile kulolosuku. Silapha manje. KungeBhayibheli, ngobufakazi, ngoMoya, ngesayense, konke kuyafakaza ukuthi kulapha. O, ngi . . . O, ngifisa sengathi ngabe benginamandla ukufuqa lokho kungene kubantu, ukubabonisa khona.

171 Nina-bantu lapha eJeffersonville ningabantu bakithi. Ngikhuliswe kanye nani. Futhi ngi—ngiyanithanda. Ninga—ningangicabangi ukuthi ngiwuhlanya. Nicabanga ukuthi lezizibikezelo ziyizo na? Bukani emuva kuzamcolo ka '37,

nina-bantu, ngenkathi nihleka khona lapha ebandleni. Futhi ngathi, "Kuzobakhona amafidi angamashumi amabili-nambili ngaphezu koMgwaqo uSpring," izinyanga eziyisithupha ngaphambi kokuba kwenzeke. Ake ningitshele kanye noma yiyiphi into eyake yashiwo, ngo ISHO KANJE INKOSI, eyayingelona iQiniso ngempela. Ake ningitshele into eyodwa Ake ayisho. Akukaze! KuyiQiniso, futhi namanje kusalokhu kuyiQiniso, futhi Kuyohlala njalo kuyiQiniso.

172 Manje asikwazi ukuletha...Ngiqagele kukhona abantu abayikhulu noma abangaphezulu lapha abazokhulekelwa. Asikwazi ukubaletha bonke kanyekanye. Sizoletha labo esingahle sikwazi ukubaletha, ngesikhathi, bese-ke silokhu sibaletha size sibangenise bonke lapha. Manje ngizoqala phakathi e...ngiyakholwa. Bekungesuye uBilly Paul lapha na? Ngabe usemuva phakathi lapho na? Mtsheleni aphume eze lapha. Ngifuna ukubona ukuthi yini, uma enikezela... Unikezela liphi ikhadi lokukhulekelwa na? [UMfowethu Billy Paul uthi, u "Q, lisukela kwelokuqala kuya ekhulwini."—Umhl.] oQ, Q, Q. Ikhadi lokukhulekelwa uQ. Bheka ekhadini lakho. Lino Q. Lisukela kwelokuqala kuya ekhulwini. Kulungile. Asikwazi ukubakhuphula bonke kanyekanye, kodwa singaletha abancane nje ngesikhathi, size sibakhuphulele bonke lapha. Sifuna beze, ngamunye ngamunye, baze bakhulekelwe bonke.

173 Manje bukani. Ngifuna wonke umuntu, ongaphakathi nangaphandle, ukuba acabange ngalokhu. Nokuvalwa kwalomhlangano, nginikela lelibandla kumfundisi, uMfowethu Neville, ngininikela kuye, naye kuNkulunkulu. UMfowethu Neville lapha. Ngizonimema nonke nibuye nibuye. UMfowethu Neville uyisosha eliyiqhawe. Uyinceku yangempela kaKristu. Umshumayeli owayengowamaMethodisti, ngiyakholwa, isitshudeni sase Asbury, futhi uqeqeshwe kuzo zonke izazi zesayense yezenkolo, ekholiji lesayense yezenkolo, enolwazi lwalokho abakufundisayo. Kodwa, ngeliny'ilanga, ufika endaweni lapho azi khona ukuthi wayezofanele abe nento ethize eyehlukile, futhi wawela umugqa. Ungumfundisi lapha, indoda egcwaliswe ngoMoya, umshumayeli wangempela, usiyazi wesayense yezenkolo wangempela. Futhi ngiyanicela, bantu balelidolobha, nakulomphakathi, uma ningenabandla, futhi nifuna ukuzwa iVangeli langempela, wozani nizozwa uMfowethu Neville. Umele Into efanayo nengiyenzayo. Ngoqobo, isosha eliyiqhawe ngempela. Thina sonke, lapha, siyamthanda uMfowethu Neville. Usebe nathi lapha isikhathi eside, futhi siyamthanda.

174 Manje uma uJesu Kristu, ngoMoya, ezobuyela lapha kulobubusuku futhi enze izinto ezifanayo naZenzayo ngenkathi Elapha emhlabeni, eJudeni nakumSamariya, Uzokwenza into efanayo kinina beZizwe, bangaki kini abazothi, "NgizoMkholwa

ngenhliziyo yami yonke futhi ngikwemukele khona lapha na"? Ukukhathalele ukuthi usonta kuliphi ibandla. Lokho aku . . .

175 Wena uthi, "Ufuna ngiyeke ukuya ebandleni lamaMethodisti na?" Qhabo, mnumzane. "IBaptisti na?" Qhabo, mnumzane.

176 Yana nomaphi lapho ofuna ukuya khona, ngoba uNkulunkulu unabantwana kuwo onke lawomabandla. Impela, Unabo. Nani, mhlawumbe, ningabanye babo. Futhi ngikuthanda ngokufanayo nje njenganoma ubuyilunga leTaberanakele likaBranham. Akwenzi nechashazi elilodwa lomehluko kimi. Niyakwazi lokho ngenkonzo yami, ndawo zonke. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uyabathanda abantwana baKhe, akunandaba ukuthi baphethe yiphi inhlobo yophawu. Kuyilokho oyikho enhliziyweni yakho. Kodwa nje sinimemela enhlanganyelweni. Nemukelekile ukuza.

177 Manje, wonke umuntu uyazi, nani bantu baseJeffersonville niyazi, emva kwezinto zonke eziningi okushiwo futhi kwenziwa, futhi kwabikezelwa, zonke zifezeka ngokuphelele nje njenge . . . Bangaki lapha eJeffersonville owaziyo lokho ukuthi kuyiqiniso na? Phakamisani izandla zenu, owaziyo konke lapha manje. Manje, kinina bantu bangaphandle kwedolobha, niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? Bangaki abangabangaphandle kwedolobha oseke waba semihlanganweni yami futhi abone ukuthi kwenzeka nje impela ngayo indlela Elayishoyo na? Phakamisani izandla zenu, kubantu baseJeffersonville. Niyabo? IBhayibheli lathi, "Ngemilomo yawofakazi ababili nabathathu amazwi onke mawaqiniswe." Kubekhona umhlaba wonke jikelele. Manje-ke silinde kukuphi na? Sinayo yonke into ezandleni zethu ngqo, ngeNkosi uJesu. "Isinike konke ngesihle."

178 Manje sizoqala umugqa womkhuleko. Futhi uma uJesu Kristu ezokwenza kulobubusuku . . .

179 Manje, bangaki kini abaziyo ngesithombe seNkosi uJesu, lokho kuKhanya na? Nonke niyazi ngaSo, ngempela. SiseWashington, D.C., sathathwa yindoda ewedlula onke uEdgar Hoover asake waba nawo onyakeni ombalwa odlule, uGeorge J. Lacy, ngencwadi yeminyatheliso yeminwe. Sinakho ukusayina kwakhe—kwakhe khona impela ephepheni. Lokho, okwangempela . . . Wathi wake wacabanga ukuthi kwakuyinjulamqondo, ngangifunda umqondo wabantu. Wathi, "Kodwa, Mnu. Branham, iso lomshini walowomshini wokuthwebula izithombe ungeke uyithathe injulamqondo." Wathi, "UkuKhanya kwashaya ingilazi eqoqa ukukhanya ikuhambise ngamsebe-munye." Futhi sinakho konke kubhalwe ephepheni, kuphuma nesithombe, ukuKhanya kwashaya ingilazi eqoqa ukukhanya ikuhambise ngamsebe-munye.

180 Bangaki osaphila, ngenkathi Kuqala ukubonakala phambi kwesintu ezansi lapha emfuleni, ngenkathi ngibabhaphathiza lawomakhulu ezansi lapho ngalolosuku na? Endlini, phakamisa

isandla sakho. Kukhona izandla ezintathu noma ezine, abasaphila, kusukela eminyakeni eyedlula, ezansi lapha emfuleni ngenkathi Kwehlela phansi, noMlayezo weNkosi wafika. Kusafana nje! Ngabe Kwenza khona nje Okwakusho lapho na? Ukuthi, inkonzo engiyobe ngiyishumayela, yayizoqala imvuselelo umhlaba wonke, ngaphambi nje kokuFika kwesibili kukaKristu. Bukani ukuthi Kwenzeni. Niyabo? Nakho kuphuma, lapho, uOral Roberts nabo bonke laba abanye. Niyabo? Nasemhlabeni wonke jikelele kuye khona, zonke izizwe, bonke abantu, zonke izilwimi. Imililo yemvuselelo iyasha, izinkonzo ezinkulu zokuphilisa. Niyabo?

181 Manje, lungelani. Ngaphakathi, ngaphandle, noma ngabe nikuphi, yemukelani uKristu. Nizokwenza, kulobubusuku na?

182 Manje, kusukela emva kwalokhu, ngizinikela eNkosini uJesu, ukuze ngikwazi ukuzinikela kuMoya, ukuba kuphela ngimenze-mkhulu uJesu Kristu; kungabi yimina, kodwa uJesu Kristu; ukuze lababantu, abantu bami, abangane bami, abangaphakathi nabangaphandle kwedolobha, bazi ukuthi iVangeli engilishumayelile liyi. . .liliQiniso ngokoqobo. NoKristu ulapha ukuLiqinisekisa ukuthi liliQiniso, ngeZwi laKhe noMoya waKhe.

183 Sizofanele sibabize nje ngamunye ngesikhathi. Ukuze sibe ne. . .Sizoqala ngenombolo yokuqala, u Q oyinombolo yokuqala. Ubani onaye na? Uma—uma ungakwazi ukusukuma manje, abadala bazokuthwala. Sifuna ukunithola nonke. U Q oyinombolo yokuqala. Mfowethu Hickerson, Billy Paul. . . Noma, awulinde, uDoc uzomsiza lapha. U Q oyinombolo yokuqala, ungasiphakamisa isandla sakho, noma ubani onaye. Uneqiniso ukuthi bekungu Q lowo na? Noma, awu, o, ngiyaxolisa. Kulungile. Khuphuka ngqo. Mkhombise ukuthi kanjani, ngesikhala sezihlalo lapho. U Q oyinombolo yokuqala. Kulungile.

184 Inombolo yesibili, phakamisa isandla sakho, ngiyacela. Kulungile, inenekazi lihlezi emuva le phakathi *lapha*. Kulungile, nenekazi, woza. Yenza indlela yakho khona *ngapha*; uma nonke nizolidedela. Abafana lapho bazokusiza, abangenisi nabanjalo. U Q oyinombolo yesithathu, phakamisa isandla sakho. Inombolo yesithathu. Ungasiphakamisa isandla sakho, noma ubani ono Q oyinombolo yesithathu. Buka uma kuyilelinenekazi elihamba lapha, uma linalo ikhadi. Awu—awunalo na? [Udadewethu uthi, "Mfowethu Branham, ngilicelile ikhadi. Kodwa ngibone umngane wami, obemi nomfana ogulayo."—Umhl.] U—ungeke ukwenze lokho. ["Ngeke na?"] Qhabo. Ufanele ulibambe bese ulalela iziyalo. Sizoyithola ingane, noma kunjani. Niyabo? Uza nje uma inombolo yakho ibizwa. Ingane ingeza uma sekubizwa. Niyabo? Kulungile.

185 Inombolo yokuqala, yesibili. Ubani onenombolo yesithathu na? Phakamisa isandla sakho. Inombolo yesithathu. Inombolo yesine.

186 Manje, lokho kuthandeka kakhulu ngawe, dadewethu, noma bekungubani lowo, lelonenekazi ebelifuna ukwenza lokho. Niyabo? Kodwa, niyabo, uma—uma inombolo yabo ibizwa, bazoza nje . . . Uma bengabizwa, siyabathola, noma kunjani. Niyabo? Sinifuna nibe sendaweni yenu nje, ukuze nibe nendawo yenu, futhi, niyabo. Niyabo? Kulungile.

187 Inombolo yesithathu. Inombolo yesine. Inombolo yesihlanu. U Q oyinombolo yesihlanu, phakamisa esakho . . . Emuva le, intombi. Inombolo yesithupha. Kulungile, insizwa. Inombolo yesikhombisa. Indoda khona lapha. Inombolo yesishiyagalombili.

188 Sifanele sikwenze lokhu. Niyabo, ungeke ukwenze; uvele nje uxove konke, uzothi, "Wonke umuntu ufuna ukukhulekelwa."

189 Ake nginikhombise okuthize, uma nifuna ukubona ukuthi kungani sibamise umugqa. Wonke umuntu lapha uthanda ukukhuphuka akhulekelwe, niphakamise izandla zenu, wonke umuntu, akunandaba ukuthi ungubani. Ake nibheke laphaya. Ubani ozoza kuqala na? Niyabo? Kuzofanele kubekhona umuntu.

190 UBilly wehlela lapha, athathe lamakhadi, futhi awaxube onke phambi kwenu, bese enika noma ubani ikhadi lokukhulekelwa olifunayo elilodwa. Ungahle uthole elesihlanu, elesithupha, futhi ngezinye izikhathi siqala kwenye indawo. Futhi akwenzi-mehluko ukuthi si . . . Bese kuthi-ke labo abalaphaya ezethamelini bathola ukuphiliswa ngempela ngaphambi kwalaba abasemsamo, ngesinye isikhathi. Bangaki okwaziyo lokho, bobabili izihambi na . . . Awu, impela, akuhlangene nalo.

191 Inombolo yesithupha, lowo uyeza na? Inombolo yesikhombisa. Inombolo yesishiyagalombili. Ubani onekhadi lokukhulekelwa lesishiyagalombili na? Usevele ulitholile na? Inombolo yesishiyagalolunye.

192 Isishiyagalombili, inombolo yesishiyagalombili, sifuna ulithole manje. Mhlawumbe ngumuntu ongaphandle. Uma bengaphandle, othize akaphakamise isandla sabo, noma okuthize, umuntu ongaphandle, ongakwazanga ukungena. Inombolo yesishiyagalombili. Mfowethu Collins, ukhona umuntu ngemuva lapho, ikhadi lokukhulekelwa eliyinombolo yesishiyagalombili, ozama ukungena na? Kulungile, ikhadi lokukhulekelwa eliyinombolo yesishiyagalombili. Kulungile.

193 Inombolo yesishiyagalolunye. Ikhadi lokukhulekelwa lesishiyagalolunye, phakamisa isandla sakho. Mhlawumbe baphumile, abakwazanga ukungena. Uma bengena, nibafake emgqeni.

194 Inombolo yeshumi, phakamisa isandla sakho. Indoda esemuva le ngemuva. Woza, mnumzane. Ngiyajabula ukukubona ubizwa. Ubumi ngemuva laphaya, izitho zibanjwa yinkwantshu. Inombolo yeshumi.

195 Inombolo yeshumi nanye. Phakamisa isandla sakho, noma ubani onekhadi Q eliyinombolo yeshumi nanye. Kulungile, ishumi nanye.

Ishumi nambili, u Q oyinombolo yeshumi nambili. Le... Kulungile, ishumi nambili.

196 Ishumi nantathu. Ishumi nantathu. Phakamisa isandla sakho nje, ngiyacela, ukuze ngibone. Ikhadi lokukhulekelwa leshumi nantathu, u Q weshumi nantathu. Ishumi nane. Ishumi nane. Ishumi nanhlanu. Mangaki amakhadi owanikezayo, Billy, ikhulu na? Ishumi nantathu, ishumi nane, neshumi nanhlanu, alitholakali. Ikhadi lokukhulekelwa leshumi nantathu, ishumi nane, neshumi nanhlanu, nikhona na? Ishumi nanhlanu, ishumi nesithupha, ishumi nesikhombisa, ishumi nesishiyagalombili, ishumi nesishiyagalolunye, amashumi amabili.

197 U Q kuqala, bese kutholakala u J, bese-ke nje kwehla njalo ngomugqa. Ngicabanga ukuthi bazama ukwedlulisa laba, kuqala, niyabo. Emva kokuba sibiza lokho, sizongena kwabanye njengoba siza nje. Uthini? [Umfowethu uyakhuluma—Umhl.] Yilokho-ke. Niyabo, sinikezela amakhadi, kulokhu ukusa, nabantu ababuyanga, mhlawumbe. Niyabo? Kulungile.

198 Asiqale kulokho okuncane. Kanjani... Senithi anibe yileveli nomugqa wenu lapho manje na? Kulungile. Manje, ubani oneshumi nanhlanu, ishumi nesithupha, ishumi nesikhombisa, ishumi nesishiyagalombili, ishumi nesishiyagalolunye, namashumi amabili, ko Q na? Amashumi amabili-nanye, amashumi amabili-nambili, amashumi amabili-nantathu, amashumi amabili-nane, amashumi amabili-nanhlanu. Manje lungelani nje, kothi kungaphela nje lokhu. Sesinomugqa ogcwele lapha manje. Sizobe-ke sesiza kubo ngqo, sehle njalo ngqo ngomugqa, bese-ke sigxuma singene emakhadini asele, o J, lapho esishiye khona, bese sehla njalo size siyophuma ekugcineni kwawo.

199 Manje hloniphani ngempela imizuzwana embalwa. Manje, ngifisa sengathi ngabe besinendlu yokuhlala. Ngifisa sengathi ngabe bekukhona indlela ebengingenza ngayo lokho, kodwa asinayo. Kodwa, manje, ngifuna nihloniphe impela. Manje, kusengaphambi kwesikhathi okwamanje. Yimizuzu eyishumi nce kushaye elesishiyagalolunye. Inkonzo izophuma, enye ingxenye yehora. Ngakho, lokhu ngukuvalwa kwenkonzo, futhi ngakho manje hloniphani ngempela. Thulani ngempela. Ningayaluzi.

200 Futhi bangaki phakathi lapha ongenalo ikhadi lokukhulekelwa, kepha nokho ufuna ukukhulekelwa na?

Phakamisa isandla sakho. Awu, basezindaweni zonke nje. Manje, uma ungenalo ikhadi lokukhulekelwa, ngifuna ukukunika omunye umBhalo.

201 Ngesinye isikhathi iNkosi yethu yayiwela iyovusa encane, intombazane efile, eyayingakafi, indodakazi kaZakewu. Nowesifazane wathi enhliziyweni yakhe, "NgiyaMkholwa ukuthi unguMuntu ongcwele. NgiyaMkholwa ukuthi unguMesiya." Futhi wayekade enomopho iminyaka eminingi. Futhi washuma esixukwini wase ethinta ingubo yaKhe. Nike niyifunde indaba na?

NoJesu wama, wathi, "Ubani oNgithintileyo na?"

202 NoPetru waMkhuza. Wathi, "Awu, bonke bayaKuthinta. Futhi yini Uthi, 'Ubani oNgithintileyo na?'"

203 Wathi, "Ngiphelelwe amandla. Amandla, ukuqina, ahambile kiMi." Niyabona ukuthi kwenzani kini na, umbono na? "Ngiphelelwe amandla. Ukuqina kuhambile kiMi."

204 Futhi Waqalaza, phezu kwezethameli, waze waMthola owesifazane. Wayeshaywa wuvalo. Wayecabanga ukuthi wayenze into eliphutha. Kodwa Wambuka, futhi Wamtshela ngomopho wakhe, wayesethi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile." Bangaki owaziyo ukuthi lelo yiQiniso na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

205 Manje, kinina zifundiswa zeBhayibheli, ngabe iBhayibheli liyasho, ukuthi, "UJesu Kristu khona manje ungumPristi oMkhulu, umPristi oMkhulu wethu, onokuzwelana nobuthakathaka bethu na'?" Bangaki okwaziyo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Awu, uma EngumPristi oMkhulu manje onokuzwelana nobuthakathaka bethu, Ubezokwenza kanjani, Uma Enguye izolo, namuhla, naphakade na? Ubezokwenza ngendlela efanayo Enza ngayo ngaleyonkathi. Kunjalo na? ["Amen."]

206 Awu, manje, Akanawo umzimba wenyama manje, ngoba ungakwesokudla sikaNkulunkulu. Kodwa Unemizimba yethu Asebenza ngayo, futhi nguMoya waKhe usebenza ngathi, njengoba Athi kwakunjalo. "Ngiyakuba nani, ngibe kini; imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuba njalo. Omningi kunalo niyakuwenza, eminingi, ngokuba Mina ngiya kuBaba." Ubezoma endaweni yethu. Niyabo? Kodwa Ubezosigcoba ngoMoya.

207 Manje, nina enilaphaya ezethamelini, bhekani ngapha nje. Futhi nje ningangibuki mina njengoMfowethu Branham. Thanini nje, "Nkosi Jesu, UngumPristi oMkhulu, futhi Ukulendlu. Futhi ngifuna ukuKuthinta ngobuthakathaka bami, ngikutshela ukuthi, ngiyagula. Futhi Wena kuqinise nami, futhi udedele uMfowethu Branham nje engathi uyajika, ngoMoya waKho, futhi angitshele njengoba Wena watshela lowo wesifazane. Lokho kuzokuxazulula." Ngikuphosela inselele

ukukholwa kwenu, eGameni leNkosi, ukuba nikwenze lokho. Manje nibone ukuthi kulungile noma qha. Celani kuNkulunkulu lokho, futhi nibone uma kuphuma ngayo leyondlela nje. Manje nje hloniphani ngempela.

208 Manje seningaziletha iziguli zenu. Noma, bekuyilendoda na? Kulungile. Into yokuqala emgqeni, lengxenye yomugqa . . .

209 Kukhona inqwaba yabantu phakathi lapha. Sizama ukudedisa abantu, abantu baseJeffersonville; nje sidedele abantu bangaphandle kwedolobha, bacindezelela ukungena. Ngoba, kuloluhlobo lomugqa, ukuba abantu ubengowalapha, khona lapha eJeffersonville, bebezothi, "Ngani, uMfowethu Branham uyabazi labobantu. Impela, kuyilokho." Kodwa, kusobala, abakaze babe se Afrika, nase Ndiya, nase Eshiya, naseYurophu, nasemhlabeni wonke jikelele, kwezinye izindawo. Kodwa angikwazi lokho.

210 Ngikholwa ukuthi, bonke lababantu kulomugqa lapha manje, kubukeka kimi sengathi bayizihambi kimi. Nonke niyizihambi kimi na? Phakamisani izandla zenu nje uma niyizo. Kulungile. Kuhle lokho. Bangaki lapho ezethamelini abayizihambi kimi, noma enaziyo ukuthi angazi ukuthi yini engalungile kini na? Noma ubani nje, akunandaba ukuthi ubani. Impela, anazi, niyabo. Kodwa Yena uyazi. Manje, angisho ukuthi Uzokwazi. Kodwa uma Ezokwazi, khona-ke lokho kuMenza abe khona khona lapha.

211 Manje, lendoda lapha, ngiyakholwa, iphakamise isandla sayo, ukuthi yona nami besiyizihambi omunye komunye. Siyizihambi. [Umfowethu uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Angikaze ngiyibone indoda empilweni yami. Ngi . . . ["Angizange ngikubone."] Ayizange ingibone empilweni yayo kuze kwaba yimanje nje. Singena endlini, futhi sabonana manje kungokokuqala kithi.

212 Manje, nasi isithombe esiphelele sikaFiliphu ehamba, elanda uNathanayeli, noNathanayeli efika phambi kukaJesu. Manje, akusikho ukuthi inguNathanayeli, noma mina ngignguJesu. Manje, ningakucabangi lokho. Kodwa kuyiminyaka kamuva, ngesethembiso esenziwa ngalesosikhathi. Futhi nanka amadoda amabili angakaze abonane empilweni, njengalawomadoda amabili ayenjalo ngalesosikhathi. Futhi uma uJesu ehlala efana, ingawunikela umoya wayo ekukholweni, futhi nami nginganikela umoya wami ekukholweni, kuKristu, ngesiphiwo sobuNkulunkulu sika Moya oNgcwele, futhi ungenza isimangaliso esifanayo. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Futhi kungokungesikho okwasemhlabeni. Uthi, "Nesimangaliso na?" Awu, ngingakwazi kanjani, uma ngingakaze ngiyibone na? Nazi izandla zami. Asikaze sibonane ngaphambili. Thina, simi lapha, okokuqala. UNkulunkulu uyayazi; mina angiyazi.

213 Manje, khumbulani, ngikhulekeleni. Manje ngezinye izikhathi kulezi—kulezi isikhathi, uMoya uyagcoba, futhi ubukwenza kakhulu manje, kuze kube wuhlobo lwe . . . Awu, ngi—ngifuna nje nihlale nithule. Nihloniphe ngempela. Qaphelani. Yibani semkhulekweni.

214 Manje, ngifuna wena nje, mnumzane, ngingakwazi, kodwa ulapha ngesizathu esithize engingasazi. Kodwa noma ngabe siyini, neNkosi uJesu izongitshela ukuthi ufunani kuYo, ngaphandle kokuthi ngitshelwe nguwe, lokho kuzoMenza nje abe yilokho engithe Wayeyikho, onguye izolo, namuhla, naphakade. Uyakukholwa lokho na? [Umfowethu uthi, "Impela."—Umhl.] Kulungile. Iyakukholwa lokho. Futhi manje izethameli ziyakukholwa lokho. NeNkosi ithe Iyokwenza, eBhayibhelini laYo.

215 Manje, nakhu la engitholakala khona noma ngikhuluma iQiniso ngeBhayibheli likaNkulunkulu, noma iBhayibheli lethembise into eLingeke lime emva kwayo, noma ngingumzenzisi; okunye kwakho. Niyabo? Kunjalo. Buka ukuthi wena uzibeka kuphi. Ngikwenzile lokho phambi kwabaningi, izinkulungwane eziningi zabantu, abagxeki nabobonke. Kodwa ngiyazi ukuthi Uyethembisa, futhi Uyasigcina isethembiso saKhe.

216 NgiyaKubona kuqala khona lapha manje. Ngibona abantu bekuzungezile, emisamo, nasemhlanganweni ongaphandle, asikaze sibe namuntu osizungezile. Niyabo? Kukhona abantu abagulayo lapha. Kuthi masinya Kungaqala nje, uyakwazi ukuKuzwa. NguMoya oNgcwele. Hlonipha ngempela manje, hlonipha nje manje, njengoba singakhuluma. Yebo, mnumzane. INkosi uJesu isithanda sobabili, ngokuba singamadoda amabili Eyawafelayo. Nokuqala kwethu ukubonana. Uma udinga, uNkulunkulu uyakwazi ukunika lesosidingo, ngoba Wethembisa ukuthi Uyokwenza.

217 Kodwa manje, indoda, uma iqotho enhliziyweni yayo, iyezwa ukuthi kukhona okwenzekayo. Ayikwazi ngempela ukucabanga ukuthi kuyini nje. Kodwa leyoNgelosi oyibona esithombeni, ilokhu iza isondesondela futhi isondesondela endodeni, futhi iyafiphala kimi. Nendoda iphethwe yinhliziyo, futhi inesifo sikashukela. Kunjalo. Lowo ngu USHO KANJE UMOYA. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

218 Manje, uma ngingakaze ngikubone, ngingazi kanjani noma yini ngawe na? Ngenye indlela, indlela efanayo Azi ngayo lapho. Kunjalo na? [Umfowethu uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Ngabe izethameli ziyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."]

219 Manje, yingani—yingani nje singathathi isikhathi sethu, kancanyana nje, ukuze ubone ukuthi bekungesiyo nje into engukuqagela. Asithathe enye into, futhi nje sibone ukuthi uMoya oNgcwele uzosembulela yini enye into. Ake nje

sikhulume nendoda emi lapho, umzuzu nje. Mhlawumbe ikhona enye into empilweni yayo, mhlawumbe kukhona enye into engalungile kuyo. Angazi.

220 Angazi ngempela ukuthi ngitheni. Ngizodingeka ngikubone kwisiqophamazwi lapha, ngoba, niyabo, ngumbono, niyabona ukuthi ibikuphi. Yebo, sengiyakubona manje. Kuyinto emayelana negazi layo. Ngushukela. Yebo, yisifo sikashukela. Inesifo sikashukela esibangwa ushukela, futhi usukhule wabanga isifo senhliziyo, osekubangele inhliziyo enokwehluleka kwemizwa. Sekuyisikhathi inalokho. Futhi ayisiyo eyakulelidolobha. Kodwa ingeyase Indiana, endaweni eduze kwendawo ebizwa njengeBorden. U . . . Ngibona iBorden. UngowaseBorden. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Yikho.

Futhi kukhona okungalungile empilweni yakho.

221 Nansi enye into. Ngibona owesifazane eqhamuka lapha embonweni, ngoba wena use . . . Ngumkakho, futhi udinga ukuphiliswa okuthize. Futhi uphethwe wuhlobo oluthize lokukhwehlela. Kunesifuba somoya, unaso.

222 Futhi unokuthile okungalungile empilweni yakho, obuzama ukukwenza. Ngokukholwa, uyiPentecostal, ngoba, wena, ngikubona emhlanganweni wamaPentecostal lapho abamemeza khona beshaya ihlombe. Futhi uzama ukubeka phansi . . . Uyabhema. Yilokho ozama ukukuyeka, ukubhema osikilidi. Kunjalo impela. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Lelo yiqiniso. Akusilo na? Impela, yilo. Uyabo? Uyakholwa ukuthi Ulapha manje, ukhona na? Usukulungele ukwemukela ukuphiliswa kwakho na?

Asikhothamise amakhanda ethu.

223 Nkosi Nkulunkulu, Owavusa uJesu Kristu Okhona manje, lendoda, Nkosi, elapha ngenxa yezibusiso zikaNkulunkulu ukuba ziphumule phezu kwayo, sikhulekela ukuthi Uyinike isifiso senhliziyo yayo, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

224 Buyela ekhaya lakho, ukuthole njengoba ukholiwe nje. Yileyondlela okuzoba ngayo. UNkulunkulu akubusise.

225 Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UNkulunkulu uSomandla, Owabhala leliBhayibheli, OMoya wakhe ukhona, uyazi ukuthi angikaze ngiyibone indoda empilweni yami, ngokwazi, kwaze kwaba yiwo lomzuzu. Kodwa, ngazi into eyodwa, uMoya oNgcwele ukhona lapha. Angazi ukuthi Uzokwenzani, kodwa ngiyazi ukuthi Ulapha.

226 Yilelinenekazi na? Kulungile. Siyizihambi komunye nomunye na? Awu, wa—wa—wangibona emihlanganweni, kodwa angikwazi. [Udadewethu uthi, "Qhabo. Qhabo."—Umhl.] Kunjalo. Kulungile. Manje-ke, ulapha ngenhloso ethize.

227 Manje, owesifazane angahle abe lapha . . . Angahle ukuba ungumKristu; angahle ukuba akasuye. Angahle ukuba

ungumgxeki. Uma enguye, qaphelani nje ukuthi kwenzekani. Niyabo? Futhi angazi ukuthi uze ngani.

228 Umama wami uhlezi lapha ndawo ndawo endlini, owesifazane osemdala. Ucabanga ukuthi bengingazama ukuyilimaza leyonto bandla? Ucabanga ukuthi bengingeza kuye njengomkhohlisi? Impela bengingeke. Bengingaqoka ukuvele nje ngisuke emsamo ngiye ekhaya; sengiwushumayelile uMlayezo. Kodwa lokho akusikho kodwa okuhamba noMlayezo. UKristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Angikhathali ukuthi izwe lithini ngakho. Sifanele sikumele, noma kunjani. UNkulunkulu wathi kwenze.

229 Ngingakwazi; futhi, kusobala, uhlezi emhlanganweni, mhlawumbe lapho okukhona khona amakhulu ngamakhulu abantu, ngeke ngaba nendlela yokukwazi. Kodwa nasi isithombe manje sikaJohane oNgcwele 4, owesilisa nowesifazane, bebonana okokuqala. INkosi yethu nowesifazane waseSamariya bebonana futhi. Manje bakhuluma. Waxhumana nomoya wakhe, wazi ukuthi yini eyayingalungile kuye, futhi wamtshela, futhi waMqonda ukuthi unguMesiya. Ungakwenza okufanayo na? Ungakwenza.

230 Izethameli zizokwenza into efanayo, wonke owesifazane khona lapho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Sengathi uNkulunkulu angakupha. Yebo.

231 Owesifazane uphethwe yi—yisimo semizwa. Sekuyisikhathi eside enakho lokho, iminyaka eminingi eyedlula. Ngisambona namanje eseyintombi. Kodwa leyo akusiyo into enkulu afuna ngiyikhulekele. Yisifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba esesimkhubazile. Yilokho ofuna ngikukhulekele.

Manje uyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

232 Ake sikhulume naye kakhudlwana. Sengathi uMoya oNgcwele ungakupha lokhu. Owesifazane empeleni ngo—ngokwenyuka ungowakwelinye izwe. Igama lakhe nguHanson. Yiqiniso lelo. OwaseNorway noma eSweden, okukodwa. Awusuye owakulelidolobha. Ungowasendaweni ebizwa ngeCanton. Futhi lelo yizwe elikhulu lapho okukhona inqwaba kakolo. Futhi yiMinnesota. Ungowalapho-ke. Yiqiniso lelo. Manje buyela ekhaya; usuphilisiwe. UJesu Kristu uyakuphilisa. Utshele abantu ukuthi zinto zini ezinhle iNkosi ekwenzele zona.

233 Ngiyethemba ukuthi siyizihambi omunye komunye. [Udade uthi, "Yebo. Ngike ngaba semihlanganweni, kodwa awungazi."—Umhl.] Angikwazi. Qha, nkosikazi. Kodwa iNkosi iyakwazi. Ulapha ngenhloso ethize. Angazi. Kodwa uma iNkosi uJesu izongembulela ukuthi uzokwenzani lapha, uzokwazi noma kuyiqiniso yini lokho. Uma ngiza lapha ngase ngithi, "Uyagula, sifazane." Impela, ubumi emgqeni womkhuleko, lokho kukhombisa . . . [Akuqoshwanga.]

234 Ukuhlolwa kwakho kukhombisa ukuthi unokuthize okungalungile esibindini. Uthe bekuyisifo sokuvuvuka kwesibindi. Kunjalo. Ukukhuluma naye umzuzu nje. Nje . . . Uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu, owakhuluma nowesifazane emthonjeni, unguJesu ofanayo namhlanje na? [Udade uthi, "Yebo."—Uml.] Uyakholwa? Unawo, ubonakala unomoya omuhle. Awusuye owalapha. Uvela empumalanga, eOhio. Kunjalo. EDayton, eOhio, ukuba uze lapha. ["Kunjalo."] Kunjalo. Ngibona i . . .

235 Ukhulekela omunye umuntu. Lowo ngumfana. Uphethwe yinhliziyo. Unezilonda, futhi, nohlobo lomfana onokugula kwemizwa. Kunjalo. Futhi ukhulekela umphefumulo wakhe, ngoba akasindisiwe. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Yiqiniso lelo. Akusilo na? ["Indodana yami."] Usuphilisiwe. Buyela emuva. Umtshele, ame isibindi. UJesu Kristu . . .

236 Ngingakwazi, nenekazi, ngingakwazi. UNkulunkulu uyakwazi. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi yini inkathazo yakho, uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Nje ngiqinisekisa Yena. Niyabo, engifuna ukukwenza ngukuthola lababantu, okhuphukela emgqeni womkhuleko, ukuba babone ukuthi Ulapha.

237 Kukhona okwenzeke emhlanganweni. Kukhona abesifazane ababili abemi lapho, bobabili, befake izibuko. Ukhona oMthintileyo, ngokuzwelana nobuthakathaka babo. Sengathi nje ngiyambona owesifazane, yini e . . . Ukhathazwa yindlebe yakho, sekuhambile manje. Bukani inenekazi, ukuthi libukeka kanjani lifana naleli. Abemi lapho. Ngiwabonile. Kodwa elinye belenza *lokhu*; futhi bekungekho lutho ku*leli*.

238 Isizathu sakho singukuthi, lona wesifazane umele omunye umuntu. Kunjalo. Nalowo wesifazane ungumakhelwane wakho. Futhi unesifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba. Futhi umele yena. Futhi ngiyakubona umkhulekela, ngoba akasindisiwe. Futhi uyamkhulekela. Leyo yinto yobuqhawe. Beka leloduku phezu kwakhe, onalo esandleni sakho. Mtshele angangabazi, nokuthi anikele impilo yakhe kuKristu, nesifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba sizomyeka.

239 [Akuqoshwanga—Umhl.] . . . khalela izinyembezi, dadewethu na? Uyakholwa wuNkulunkulu na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ukhalelani izinyembezi, nokuthi isifiso sakho yini na? Uma ukukholwa lokho, phakamisa isandla sakho. Uyakholwa ukuthi lesosibhono sizomyeka na? Uma uzokukholwa, kuzohamba. Yiba nokukholwa nje. Ungangabazi nje.

240 Sawubona? Ngiqagele siyizihambi omunye komunye. INkosi uJesu isazi sobabili. Uyintombi enamandla. Kodwa awuzizele wena lapha. Ngibona kukhuphuka isibhedlela, umbhede. Futhi

lowo ngunyoko omkhulekelayo, futhi usibekelwe yithunzi lokufa. Uphethwe yinyongo, amathumba. Futhi unomdlavuza, futhi, ithunzi elimnyama lomdlavuza. Thatha leloduku, okhalela kulo izinyembezi, ulibeke phezu kwakhe. Bese ubiza iGama leNkosi, futhi ungangabazi. Uma ungeke ungabaze, uNkulunkulu uzomkhipha lapho amphilise. Ungangabazi manje. Hamba eGameni leNkosi, futhi ukholwe.

241 Nenelisekile ukuthi uKristu uyaphila na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

242 [UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane—Umhl.] Kukhona okukhona . . . O, ngowesifazane ohlezi emuva impela emva kwalapho, kulesosihlalo. Uphethwe izinhlungu zekhanda. Futhi kade ekhuleka eNkosini, lapho, ezama ukunakekela lowomntwana. Ikuzwile, dadewethu. Sekuphelile konke manje. Mana ngezinyawo zakho nje, ukuba unike uNkulunkulu udumo ngakho, nenekazi. Nika uNkulunkulu udumo nje ngakho. Niyabo?

243 Uthinteni na? Akazange athinte mina. Kodwa uthinte lowomPristi oMkhulu. Angimazi owesifazane. Angikaze ngimbone, empilweni yami. Kodwa uNkulunkulu umphilise ngaso lesosikhathi nje. Ngabe lokho kumenza uJesu abe nguye izolo, namuhla, naphakade na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela, kuyamenza. Uma ukholwa! Konke kungenzeka kwabakholwayo.

244 Kushaya ezethamelini, ukhona okhulekayo. Niyabo, kuya ngokuthi amandla makhulu ngaphi, lapho okukhona uMoya. Ngingalandela futhi kuphela ngisho njengoba Esho; angazi. O, ngowesifazane efaka izibuko zakhe, ekukhaleni izinyembezi. Isizathu ekade senza ukuba akhale izinyembezi, yingoba uMoya uphezu kwakhe. Nanko. Leyonkathazo esemathunjini okade uphethwe yiyo; yiba nokukholwa, izokuyeka futhi ingaphinde ibuye. Angimazi owesifazane. Angikaze ngimbone. Akazange athinte mina. Uthinte umPristi oMkhulu.

Uma ukholwa!

245 Kushaye omunye wesifazane. Ngifuna noma ubani ofunayo, abuke lapha. Bukani owesifazane ekhala izinyembezi; bukani omunye wesifazane ehlezi ngokwejwayelekile; bukani omunye wesifazane eduze kwakhe, ekhala izinyembezi. Ubephethwe yinhliziyo, inenekazi elincane lihlezi khona lapho, ungibuka ngawakho . . . Yebo. Kunjalo. Ubuphethwe yinhliziyo. Ibingakuphethe na? Sekuhambile kuwe. Ukukholwa kwakho kushaye umlilo onoNkulunkulu, futhi uthinte Yena.

O, lokhu kuyamangalisa!

[UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane imizuzwana engamashumi amabili-nanhlanu—Uml.]

246 Niyalibona leliyanenekazi elihlezi khona lapho ligobise ikhanda lalo, likhuleka na? Owesifazane osempunga, uyisihambi kimi, ehlezi lapho. Yebo. Niphenduke, nambuka. Uphethwe yinyongo. Kade ekhuleka ukuba uNkulunkulu ayisuse kuye. Futhi ubukhuleka ngalesosikhathi, "Nkosi, akangibize." Kunjalo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Ngiwaze kanjani umkhuleko wakho na? Isisukile kuwe. Ukukholwa kwakho kukuphilisile. Hamba uye ekhaya uphile.

247 Uyakholwa na? Uma ukholwa, konke kungenzeka. Kodwa ufanele ukholwe.

248 Kusahamba kulesosigodi, salowo ohlezi phakathi *lapho*. Khona *lapha*, owesibili kusuka ekugcineni, isifo senhliziyo ibhiphi. Uma uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke, dadewethu, sesiphelile. Uyamkholwa uNkulunkulu, uMthathe eZwini laKhe na? Kulungile. Phakamisa isandla sakho. Yilokho obukukhulekela, "Nkosi, akabize mina olandelayo, nginalesisifo senhliziyo ibhiphi." Ngiyisihambi kuwe. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho. Kulungile. Sesihambile kuwe. Hamba uye ekhaya uphile.

249 Niyabona ukuthi kuyini na? Ngukukholwa. Futhi uma ningahle nikukholwe! Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo, labobantu abakhona lapho, akukhomakhadi okukhulekelwa nalutho. Senikulungele ukukholwa na? Ngabe yileyondlela iNkosi uJesu eyenza ngayo ngenkathi Ilapha emhlabeni na?

250 Lapha, yile—yilena, indoda ezayo na? Kulungile. Anazi ukuthi lokho kwenzani kini. Nonke, kwiTabernakele likaBranham, manje bukani lapha esihlokweni sesandla. Niyabo? Niyazi angibi njalo. Kuyini na? UMoya weNkosi. Uyagcoba.

251 Abantu abaningi abaqondi ukuthi ugcobo lusho ukuthini. Bacabanga ukuthi kusho ukumemeza. Lokho ukuthokoza. Amandla afika ngesizotha. Niyabo? Lokho ukuthokoza kweNkosi. Lawa Amandla eNkosi; ayamphilisa, amenza aphile. Bukani ukuthi Wenzeni entombazaneni encane ihlezi ngobunye ubusuku, ikhubazeke konke; empumputheni; kwabanye, kuya ezindaweni zonke.

252 Sawubona, mnumzane? Ngethemba ukuthi siyizihambi omunye komunye. Asazani. Angikwazi, nawe awungazi. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile, ukuhlangana kwethu kokuqala. Hlonipha manje. Nansi indoda, futhi yona nami. . . isencane impela kunami, nezandla zethu ziphakeme, komunye nomunye, phambi kukaNkulunkulu, ukuthi lokhu ukuhlangana kwethu kokuqala. UJesu uyayazi indoda. Futhi kufanele ukuthi kukhona okungalungile; imi lapho. Angazi.

253 Kodwa uma ngikhulume iqiniso, uNkulunkulu aliqinise ngofakazi abaningi, ukuthi nginitshele iqiniso, ukuthi, "ngemivimbo yaKhe naphiliswa." Kuyinkathi edlule. Nifanele nithole lokho kukholwa okungapholishekile, ukuba nikhwele ngaphezu kwalezizinto.

254 Bukani umdlavuza unyamalala lapha kulobubusuku! Manje qaphelani izimfakazo nje zingena zivela kuwo, lawomathunzi amnyama okufa. Udokotela wakho othandekayo angazama, konke abengakwenza, ukusindisa impilo yakho. Kodwa uma uNkulunkulu esho noma yini, kuyilokho-ke. Futhi bekungesimina. Angihlangene ngalutho nakho.

255 Manje kukhona cishe abangamakhulu amabili lapha abazokhulekelwa. Ngifuna ukuphumula umzuzu nje manje. Sizobe-ke sesiqala nje ukukhulekela abantu, sibakhuphule; singabagijimisi ngomugqa, kodwa sime lapha sibakhulekele. Ngifuna ukukhulekela wonke umuntu ofuna ukukhulekelwa.

256 Kodwa kuzo zonke izethameli, nalabo abasemsamo, ngifuna niqonde ukuthi uJesu Kristu ulapha. Nonke niyakuzwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Wonke umuntu uyakuzwa lokho. ["Amen."]

257 Manje, ukuze kugxile phakade emqondweni wenu. Lendoda nami, silapha nezandla zethu ziphakeme kuNkulunkulu, ukuhlangana kwethu kokuqala. Uma Ezokhuluma imfihlo yenhliziyo yayo, njengoba Enza nje kowesifazane emthonjeni, noma kuFiliphu, noma kusukela phansi noma yikuphi kusukela phansi enkonzweni yaKhe, uma Ezokwenza lokho, ngabe kuzoqinisa yini kini nonke, ukuthi yiYo ngokoqobo, iNkosi uJesu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

258 Kuzoqinisa kuwe, mnumzane na? [Umfowethu uthi,"Yebo, mnumzane."—Umhl.] Anginandlela, anginamqondo wokuthi ngabe inkathazo yakho iyini. Angazi noma ngabe uyisoni noma umKristu. Ngeke ngakutshela. Yena uyazi; uNkulunkulu uyazi. Kodwa ngeke ngakutshela. Kodwa uma Engitshela . . . Kodwa ungumKristu. ["Yebo."] Ngoba, uthi nje umoya wakho ungabamba ugcobo lwaloMoya ophezu kwami, uyaWemukela, ngakho ngiyazi ungumKristu.

259 Futhi uphansi kwethunzi elijulile. Kuyinto engalungile egazini. Futhi uke waya kodokotela. Futhi bafuna ukukuhlinza, futhi lokho kuhlinza ku, ngiyabezwa, nodokotela ababili bebuzana, futhi bafuna ukukhipha isitho emzimbeni wakho, esibizwa ngobende. Kunjalo. [Umfowethu uthi, "Yebo."—Umhl.]

260 Futhi awusuye owakulelidolobha, kodwa ungowasedolobheni elikhulu lapho okukhona isikole esikhulu sohlobo oluthize lwenkolo. YiWheaton. Negama lakho ungu Karl Rhodes, Rhodes, into enjengo Karl Rhodes. Kulungile, mnumzane. Uma uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke,

ungabuyela ekhaya lakho, noNkulunkulu uzokusindisa. Uyakukholwa na? [Umfowethu uthi, "Ngiyakukholwa."—Umhl.]

Asikhuleke.

261 Nkosi Jesu, manje ngikhipha lobububi kumfowethu. Futhi eGameni lika Jesu Kristu, sengathi angaphilela inkazimulo kaNkulunkulu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Hamba ngendlela yakho, ujabula!

262 Bangaki okholwayo manje ngenhliziyo yakho yonke na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Manje, yilabo kuphela abazokhulekelwa na? Kulungile.

263 Awu, ukuphathwa kwakho yiqolo kusuke kuwe ngenkathi uhlezi lapho, ngakho ungahamba ngendlela yakho, futhi ujabule uma ufuna. Futhi uqhubeke nje, uthi, "Ngiyabonga Nkosi elungileyo!"

264 Hamba udle ukudla kwakho kwakusihlwa. Ukuphathwa kwakho yisisu kusukile kuwe, ungena emgqeni, ngakho ungahamba ube nendlela yakho, futhi. Kholwa nje ngenhliziyo yakho yonke.

265 Isifo sakho sokuqaqamba kwamalunga omzimba ngeke kukukhathaze, uma uzokukholwa. Vele uqhubeke nje, ujabula futhi udumisa uNkulunkulu, uma uthanda, mfowethu. Kulungile. Kulungile.

266 Niyakholwa ngenhliziyo yenu yonke na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Bangaki okholwa uNkulunkulu na? ["Amen."] Manje ngizo-ke ngithi nje ukunyathela lapha umzuzwana nje.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org